# *UPhawu lwesiThathu*

Sanibona kusihlwa, bangani. Asime manje umzuzwana nje senzele umkhuleko. Sikhothamisa amakhanda ethu.

2 Baba wethu waseZulwini, njengoba sizwa lelo—lelohubo elimnandi, si—siyacabanga, Nkosi, nge . . . ukuthi Useduzane. Futhi sikhulekela ukuthi Uzosemukela kulobubusuku, Nkosi, njengabantwana baKho, uthethelela zonke ezezono zethu neziphambeko, futhi usinika okwezibusiso zaKho, njengoba singabantu abadingayo.

3 Futhi kulelihora elikhulu esiphila kulo manje, futhi siyabona, minyaka yonke, kuya ngokuba mnyama kakhulu ngokuba mnyama kakhulu, ezweni. NokuFika kweNkosi kuya ngokukhanya kakhulu ngokukhanya kakhulu, lapho Ezembula yena uqobo e . . . eZwini laKhe nasekuzibonakaliseni kwaKhe. Sesifikile futhi, kulobubusuku, Nkosi, ukuzama, kwalomhlangano, nokukhuleka kuWe ukusivulela, Nkosi, loluPhawu lwesiThathu lwaleNcwadi, ukuze lwaziwe kithi, ukuthi sizokwazi ukuthi senzeni nokuthi siphile kanjani, nokuthi sibe kanjani ngamaKristu angcono.

4 Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi uzokwenza wonke ongesuye umKristu phakathi lapha, kulobubusuku, baqonde isidingo sabo ngaWe. Siphe khona. Futhi ngi—ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi wonke umKristu ozelwe ngokusha uzoqonda ukuthi ufanele aphile ngokusondela kakhulu kunoma ubenjalo ngesikhathi esedlule, ukuze sonke sibe kulobo bunye bothando lwamaKristu nokukholwa.

5 Yipha ukuthi wonke umuntu ogulayo phakathi kwethu uzophiliswa kulobubusuku, Nkosi. Bayasiqonda isidingo sabo ngaWe. Futhi ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzobusisa yonke into eyenziwe noma yashiwo, odumweni lwaKho nenkazimulo, eGameni likaJesu siyakucela. Amen.

6 Awu, futhi, kulobubusuku, sibuthene ndawonye futhi ngalokhu, u—ubusuku bangoLwesithathu leviki. Futhi sithemba ukuthi iNkosi, kulobubusuku, ngoku—kukhulu ukuthululwa okukhulu kwezibusiso zaKhe phezu kweZwi laKhe. Futhi namhlanje kade ngifundisisa, njengokwejwayelekile, futhi ngizama ukucabanga ngezinto ebezingafaneleka kakhulu ukuzisho, nento, ukuthi ishiwo kanjani, bese-ke ngethembela eNkosini ukuba inginike ukuhumusha nezincazelo za—zaleliZwi elilotshiwe. Futhi ngingobongayo kuYo ngalokho Esenzele khona iviki lonke, ukuthi si . . . ngokuvulwa kwaleziziMpawu.

7 Futhi, manje, mhlampe bekungaba yinto enhle uma ngeSonto ekuseni, e . . . Niyazi, izikhathi eziningi . . . Asiqondile ukuba singaqondwa, kodwa, niyazi, u . . . Kuthola ukuba

ngaleyondlela. Futhi ngakho, mhlawumbe, ngeSonto ekuseni, uma wonke onombuzo engqondweni yabo mayelana nakho, engakubhala bese ekunikela edeskini lapha, ngoMgqibelo ebusuku, futhi ukuze ngibone ukuthi uyini. Bese kuthi-ke ngizama ukuwuphendulela wena, ngeSonto ekuseni, iNkosi ithanda. Ngicabanga ukuthi lokho bekungangcono kunalokho esikuhlosayo, ngoba ngezinye izikhathi akuqondwa, niyazi. Futhi ngakho ngaleyondlela ngizothola . . . Bekungangcono ukuba bengizo—bengizokuqondisa, niyazi. Bekungaba nje yilokho okufanele kube yikho. Isizathu, ngesinye isikhathi, manje . . .

8 Omunye ushayile namhlanje wayesesho, ukuthi—ukuthi, washaya futhi ubefuna ukwazi ukuthi ngabe bekuyiqiniso yini, ukuthi, "Uma u—uHlwitho selwenzekile, kuyoba khona oyedwa kuphela eJeffersonville noyedwa eNew York, bese kuthi abanye babo babe phesheya kwezilwandle." Ngakho, niyabo, akuqondwa nje. Omunye wayesesho-ke, ukuthi, "NgoMgqibelo ebusuku, uma iNkosi isinika uPhawu lokugcina, khona-ke uJesu ubengaba lapha ngesonto ekuseni." Niyabo? Ngakho yi—yi . . . Niyabo, awu—wu . . . Lokho, lokho akunjalo. Futhi ani . . . Akunjalo.

9 Asazi. Uma noma ubani enitshela ukuthi bayazi nxa Efika, niyazi ukuthi basephutheni, kwasekuqaleni nje, ngoba akukho-muntu owazi lokho. Kodwa sifuna ukuphila, namhlanje, njengoba bekunjalo khona manje.

10 Ngizothi ukunijikisa okomzuzu, ngakho lungelani. Ngi—ngikholwa ukuthi uJesu uzofika phakathi na, ngaphansi kwe, mizuzu emithathu kusukela khona manje, okwesikhathi saKhe. Niyazi ukuthi lokho bekungaba yisikhathi eside kangakanani na? Cishe iminyaka engamashumi amathathu-nanhlanu. Niyabo, iminyaka eyinkulungwane iwusuku olulodwa kuphela, kuYe, niyabo.

11 Ngakho, uma uzwa umphostoli emuva lapha ethi, "Isikhathi sesiseduze," ngapha, "isikhathi sesiseduze." Umphostoli wakusho lokho eSambulweni. Niyazi ukuthi lokho sekube yisikhathi eside kangakanani na? Lokho aku . . . Lokho bekuyizolo nje, kuNkulunkulu, akukabi sizo ngisho nezinsuku ezimbili.

12 Futhi, niyabo, uma kuyimizuzu emithathu, ngaphansi kwemizuzu emithathu yokuFika kwaKhe, niyabo, lokho bekungaba yiminyaka engamashumi amathathu, cishe, kithi, noma into ethi ayibe njalo. Futhi bukani ukuthi kanjani, ukuthi imizuzu emithathu ibingaba yini kuYe: Usevele uyasukuma, ukuba eze. Ngakho thina, nina . . . ngezinye izikhathi uma nifunda lapha, Ukhuluma ngokwamagama eZwi, niyabo, hhayi ngokwamagama ethu.

13 Bese kuthi-ke ukuba bengazi ukuthi Ubeza kusasa ebusuku, kusasa ebusuku, kusasa bengiyofundisisa futhi ngiMcele ukuba anginike uMlayezo woPhawu lweSine. Futhi bengiyokwehlela lapha futhi ngiWushumayele, ngokufanayo nje. Niyabo? Ngi—ngifuna ukuba ngibe ngenza nsuku zonke ebengiyobe ngikwenza uma Efika. Futhi angiyazi enye indawo kunokubanjwa ngisendaweni yokugada ngqo, niyabo, endaweni yokugada. Ngakho silokhu siqhubeka Aze afike.

14 Ngezinye izikhathi ngenkathi sifunda nje, futhi, manje, cophelelani ngempela. Futhi uma nifunda, tholani amateyipu, niwalalele ngokusondela ngempela. Ngoba, nizokuthola eteyipini, ngoba kade bebuye bewadlale lawomateyipu, futhi akahle ngempela futhi acacile. Ngakho, nizokuthola ngokucace kakhulu lapho.

15 Manje, wonke umuntu uthandana noKristu, ngiyethemba, kulobubusuku, nawo wonke umuntu eMthanda.

16 Ngizonitshela ukuthini, ngezinye izikhathi, okudida abantu, ukuthi omunye ongenayo futhi akangayithola ingxenye yokuqala yenkonzo, niyabo. Bese beyangena-ke bese bekuzwa uthathisela emuva, ushaye emuva, okuthize, bese-ke bethatha lokho, okushiwo, futhi abayitholanga ingxenye yokuqala. Manje-ke konke kuyadida kubo, niyabo, ke. Futhi bacabanga ukuthi into ethile yashiwo ngokwehlukile, kodwa A—Alinjalo.

17 Ngakho uma unombuzo ongawuqondi, ubhale nje esiqeshini sephepha. Uwubeke phakathi, noma ngasiphi isikhathi phakathi kwamanje nangoMgqibelo ebusuku. Futhi ngizozama, ngeSonto ekuseni, uku. . . Uma kudida kancane, uthi, "Awu, angazi nje ukuthi ngabe bekuchaza ukuthini *lokhu* lapha. Angikutholanga." Niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini. Khona-ke ngizozama ukukuphendulela wona, ngeSonto ekuseni, iNkosi ithanda.

18 Manje, kulobubusuku sizofunda kuleliZwi elidala elibusisiweyo futhi, esahlukweni 6. Futhi siqala kulobubusuku ngoPhawu lwesiThathu. Nalelo yivesi 5, ivesi 5 nele 6.

19 Futhi kusasa ebusuku sivala abagibeli abane; ihhashi elimhlophe, nehhashi elibomvu, ihhashi elimnyama, nehhashi elimpofu.

20 Futhi ngifuna ukusho lokhu. Ukuthi, njalo, ngisho kuze kube yilokhu ukusa, nge. . . Ngivuka kusesekuseni ngempela, ngempela bese ngiya emkhulekweni ngaphambi kokuba izinto zishukume, futhi nje ngiqhubeke nokukhuleka usuku lonke. Kodwa kulokhu ukusa, kusesekuseni, uMoya oNgcwele ufike lapho ebengikhona. Futhi nje ngokucace njenganoma yini, ngi—ngibone lolu olunye uPhawu luvuleka nge manje, impela nje. Manje—manje—manje, Yena uyangizwa, ngiyazi. Futhi ngingobongayo kakhulu.

21 Manje, nizokhumbula nje ukuthi kunento eyenzekayo. Leyo, ngi—ngithemba ukuthi niyayibamba, niyabo, niyabo, ukuthi kunento eyenzekayo. Ngifuna nje ukuhlola lelibandla kanye, futhi ngibone ukuthi ngabe kukhona yini empeleni abebengakucosha ngaphambi kokuba empeleni kwenzeke. Manje khumbulani, khumbulani ukuthi nginitshele ukuthini. Futhi, manje, iNkosi isisize.

22 Manje evesini 5.

> *Kuthe selivula uphawu lwesithathu, ngezwa isidalwa sesithathu sithi, Woza...ubone. Ngase ngibona, futhi bheka nanto ihashi elimnyama; nohlezi phezu kwalo ephethe isilinganiso ngesandla sakhe.*
>
> *Ngase ngizwa kungathi izwi lezidalwa ezine* lithi, *Imbenge kakolweni ngodenariyu, nezimbenge ezintathu zebhali ngodenariyu;* kodwa *amufutha ne...wayini ungakoni.*

23 Manje ake sikwendlalele lokhu kancanyana nje, naseziMpawini esedlule kuzo. Ngoba, njengaseminyakeni yebandla nje, ngani, sizama ukunikeza isendlalelo, ukuthi ukuluthi yaca ngale, nize nikwazi...Yileyondlela iminyaka empeleni esemBhalweni, olunye luthi yaca olunye phezu kolunye, kanjalo nje. Njengokukhwela ilada, nokukhwela isitebhiso, njalo; esinye sehlela kwesinye, futhi sibuya kanjalo, lapho wenyuka ngesitebhiso.

24 Futhi manje, lolu iziMpawu, i...Yi—iNcwadi yokuHlengwa, inamathiselwe ngophawu. Wonke umuntu uyakuqonda lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Nalencwadi inamathiselwe ngeziMpawu eziyisiKhombisa. IyiNcwadi enamathiselwe ngezimpawu eziyisikhombisa. Niyabo?

25 Futhi manje khumbulani, njengoba sinidwebele khona isithombe, futhi sakuthatha kuJeremiya nakho konke. Manje, bona, ngenkathi babekade...Babebhala *kanje*, esiqeshini so—sombhalo, noma iphepha, njalo; noma, hhayi iphepha, kodwa kwakuyisikhumba esishukiwe. [UMfowethu Branham ufanekisa ukugoqwa nokunamathiselwa ngophawu kombhalo ogoqwayo, ngokusebenzisa amashidi ephepha—Umhl.] Bese beligoqa, *kanje*. Manje lokho...Bese ukuthi-ke ukugcina kwalo kushiywe *kanjalo*; lokho kukhombisa ukuthi yini elapho. Bese kuthi olandelayo athathe uhlobo olufanayo lwesimo, ugoqwa ngendlela efanayo, ugoqwe *kanjalo*. Bese kuthi-ke, ekugcineni lapha, udatshulwa *kanjalo*, bese kushiywa omunye.

26 Awu, leyo kwakuyiNcwadi enamathiselwe ngezimpawu eziyisikhombisa. Manje asizange sibe neziNcwadi ezinjenga*le* kuzekwaba kamuva. IziNcwadi kudala zaziyimibhalo egoqwayo. Zazigoqwa. Bese kuthi-ke uma befuna indaba kumbe noma yini...Njengokuthi uma—uma iBhayibheli ligoqiwe, ufunda iNcwadi kaIsaya; wawuphenya phansi lapha kuIsaya, bese

uLisombulula *kanjalo*, bese uLifunda. Nalena yiNcwadi yokuHlengwa enamathiselwe ngezimpawu eziyisikhombisa.

27 Futhi manje sithola ukuthi iWundlu liyaphuma, lithatha iNcwadi esandleni saKhe owayehlezi esiHlalweni sobukhosi, bese lephula iziMpawu, bese—bese liqaqa . . . bese liqaqa Lolo, liqaqa iziMpawu kubantu.

28 NeziDalwa ezine zihlezi lapho, esizibuka eminyakeni yebandla, iziDalwa ezine ezifanayo, niyazibona kuwo wonke umBhalo, futhi yiSo Esenza ukumenyezelwa kwaleziziMpawu zephulwa. Manje, futhi siyabona ukuthi yi—yiNcwadi yokuHlengwa.

29 Sase-ke sibuyela emuva sasesithola u—uMhlengi oyisiHlobo somndeni, sasesiMcosha, ukubona ukuthi wawuyini umsebenzi waKhe. Futhi manje yonke leminyaka, uKristu ubenza umsebenzi woMhlengi oyisiHlobo somndeni. Manje, wonke lowo okuqondayo lokho, thana, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kade Enza umsebenzi woMhlengi oyisiHlobo somndeni.

30 Kodwa kuyofika isikhathi lapho umsebenzi wokuhlenga uyobe usuphelile. Futhi nxa umsebenzi wokuhlenga usuphelile, khona-ke Uyasuka esiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu, lapho Ehlezi esihlalweni khona manje. Kodwa leso akusiso isiHlalo saKhe sobukhosi. "Onqobayo uyohlala naMi esiHlalweni saMi sobukhosi, njengoba Nginqobile futhi ngihlezi esiHlalweni sobukhosi sikaBaba waMi." Leso akusiso isiHlalo saKhe sobukhosi. Leso esikaMoya, uNkulunkulu. UKristu, iWundlu, asisiso esaLo. Lingelingenwe nguNkulunkulu, niyabo; okunguNkulunkulu ofanayo, enziwe wangena emzimbeni womuntu. Manje, Lisuka esihlalweni . . .

31 Kuqala, ukumenyezelwa kwaphuma, ngokuba, "Ubani onamandla okuza futhi a re- . . . futhi athathe leNcwadi yokuHlengwa na?" Niyabo, yalo lonke icebo lokuhlengwa, kusukela kuAdamu, konke lokho uAdamu alahlekelwa yikho.

32 Kwakungekho lutho olwalulahlekile kwaze kwaba nguAdamu. Futhi emva kuka-Adamu, konke kwalahleka, emhlabeni. Nayo yonke into kokudaliweyo komhlaba kwalahleka. Nayo yonke into yawa noAdamu, wawela igebe, ukuthi kungabikho-muntu owayengabuyela emuva, kungekho-ndlela nhlobo. Umuntu, ngenkathi ona, washiya indlela yakhe, akashiyanga-ndlela yokuba abuye qobo lwakhe. Kwase kuthi-ke i . . .

33 Ngenkathi lombuzo ubuzwa; uJohane umambuli, o . . . umprofethi uJohane, wayesembonweni futhi wakubona. Futhi kwakungekho-muntu eZulwini, kungekho-muntu emhlabeni, kungekho-muntu phansi komhlaba, noma namuntu, owayefanele ngisho nokuyibuka iNcwadi. Niyabo? Manje cabangani nje ngalokho! Bese-ke iWundlu liza ngaphambili,

bese Lithatha iNcwadi. Manje uJohane wacelwa ukuba angabe esakhala. Wathi, "Bheka, iNgonyama kaJuda inqobile, futhi—futhi Lingayithatha iNcwadi futhi liYivule." Ngakho, waphenduka ukuba abuke iNgonyama, futhi wabona iWundlu. Ilunga elidala labiza, lathi, "INgonyama inqobile." Kodwa ngenkathi efika futhi wabuka, kwakuyiWundlu livela esiHlalweni sobukhosi.

34 Manje, wayengakaze akuqaphele Lokho ngaphambili. Ngani na? Lalikade lisemuva lapho, ekwenzeni kwaLo umsebenzi waLo wokulamulela; ngokuba Lalophela abantu, limela abantu, kuze kube ngumphefumulo wokugcina, owabekwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ungene. Kuba nje nabaningi kangaka babo lapho, futhi yilokho. Yilokho kuphela. Abanye abayikufuna ngisho nokungena; abanasifiso sokungena. Futhi ngakho, manje-ke, uma sekungena lowomphefumulo wokugcina, khona-ke isikhathi sokuhlengwa sesiphelile.

35 Bese-ke iWundlu liyaphuma ukuba lifune amalungelo aLo kulokho Elikuhlengile, nalokho yikho konke okudaliweyo. Umhlaba nayo yonke into ingeyaLo. Niyabo? Likuhlengile ngeGazi lalo uQobo. Futhi ngenkathi Liphuma ukuba lithathe leNcwadi, ukuba liYivule, ngani, he, babe. . . uJohane akabange esakhala. Futhi wabuka, naleliWundlu laliyiWundlu elihlatshiweyo. Lase livele libulewe, kodwa lase liphila futhi. Futhi manje sithole ukuthi iwundlu elihlantshiwe liyiwundlu elinegazi, lopha ndawo zonke. Kade lihlatshiwe. Emva kokuba Lihlatshiwe, Lase livukile futhi. Lalihlezi esiHlalweni sobukhosi, asithi, emuva emva kwesiHlalo sobukhosi, *kanje,* limela yonke leyomiphefumulo eyayizokuza. Kwase kuthi-ke lapho owokugcina usulapha, futhi kwaphelelisiswa, i. . . uNkulunkulu esalokhu eyiphethe iNcwadi yokuHlengwa. Niyabo? Manje wenza nje umsebenzi wesiHlobo somndeni manje.

36 Njengo, Bowazi wehla, noRuthe wayehlezi nje lapho elindile kwaze kwathi uBowazi. . . Ngiqonde, uBowazi wenze i re-. . . isihlobo somndeni, umsebenzi wokuhlenga. Niyangikhumbula ngishumayela ngalokho, esikhathini esingeside esedlule? URuthe, ekhothoza; futhi, uRuthe, noma yini ayenzayo; futhi kwehle njalo, nento yokugcina okwakuyiyo, uRuthe, elindile. Niyakhumbula ukuthi ngakufanekisa kanjani lokho eBandleni na? Ngenkathi, uBowazi wehlela ukuyokwenza umsebenzi wokuhlenga kwesihlobo somndeni. Wakwenza; wakhahlela isicathulo sakhe wasikhipha wayesenza ubufakazi, wayesehlenga uNawomi, futhi, ukudabula lapho, wathola—wathola uRuthe. Manje, ngakho, uRuthe wayelindile nje, ngoba wayesevele esebenze ngokuzikhandla. Wayenze zonke lezi ezinye izinto, kodwa wayelindile manje. Kwase kuthi-ke ngenkathi. . . IBandla lilindile, liphumule (abaningi babo, iningi

labo, lisothulini lomhlaba), ngenkathi Lisenza umsebenzi waLo wokuHlenga kwesiHlobo somndeni.

37 Manje izwe lisalokhu liya ngokuba libi kakhulu. Nesono siyanqwabelana, no—nokugula, nenkathazo, nokufa, nosizi. Abesilisa abangemesabi uNkulunkulu nabesifazane abangamesabi uNkulunkulu bafela phansi ngqo. Umdlavuza ubadla ubaqede, nayo yonke enye into, bebe bengeke bakufanela ukukholwa okwenele ukuba bafinyelele phandle lapho futhi bakubambe.

38 Manje qaphelani. Kodwa manje-ke emva kokuba kwase kwedlule konke, emva kokwaLo uku media-. . . Ukumela kwaLo kwase kwenziwe, Liyaphuma, lithatha iNcwadi esandleni saKhe. Kwase kuthi-ke uJohane, nayoyonke into eZulwini, futhi iqala . . . Imiphefumulo ephansi kwe altare iqala ukudazuluka. Siyakuthola lokho oPhawini lwesiThupha, futhi. Nokuthi yathokoza kanjani! Futhi—futhi yawa phansi, amalunga amadala, ayesethulula imikhuleko yabangcwele. Nemiphefumulo ephansi kwe altare yamemeza, "Ufanele Wena, ngoba Usihlengele kuNkulunkulu! Futhi sibuyela emhlabeni, ukuba siphile njengamakhosi nabapristi." O, kwakukhona okukhulu . . .

39 Futhi uJohane wathi, "Wonke umuntu eZulwini, yonke into ephansi komhlaba, nayo yonke into," yamuzwa edumisa uNkulunkulu ngakho. UJohane ufanele ukuthi wafumana igama lakhe liLapho, niyazi. Sonke lesosikhathi!

40 Wayesethi-ke, "Lifanele ukuthatha iNcwadi yokuHlengwa." Manje ayisesiyona eyoMahluleli. IsingeyoMhlengi, futhi Seliwenzile umsebenzi wokuhlengwa.

41 Manje Lizokhombisa iBandla Elikwenzile. Amen. Niyabo? Manje nje Lithatha . . . Kodwa iNcwadi ivaliwe. Akekho owayazi, nhlobo. Bayazi ukuthi YayiyiNcwadi yokuHlengwa, kuYo lapho, kodwa Izokwembulwa ngezinsuku zokugcina. NgokweSambulo 10, ingelosi yesikhombisa izonikezwa uMlayezo waLokho. Ngoba, Kwasho, ukuthi, "Ngesikhathi sokubethwa kwecilongo lonyaka webandla wesikhombisa, ingelosi yesikhombisa, lapho ibetha icilongo, zonke izimfihlakalo zikaNkulunkulu ziyakube zifeziwe nya, ngokubetha kwayo icilongo." Manje-ke, emva kokuba Seyembuliwe, iNgelosi iyehla ivela eZulwini, okwakunguKristu. Manje khumbulani, lengelosi isemhlabeni, isithunywa.

42 Nakhu kwehla uKristu, niMbona esahlukweni 10 seSambulo; ubeka unyawo olulodwa ezweni, nolunye olwandle; uthingo lwenkosikazi luphezu kwekhanda laKhe, amehlo anjenge . . . nezinyawo zinjengomlilo, kanjalonjalo; uphakamisa isandla saKhe, futhi ufunga Yena ophilayo kuze kube-phakade naphakade, esiHlalweni sobukhosi, ukuthi, "Akusayikubakho

isikhathi." Futhi ngenkathi Ethatha lesisifungo, imiDumo eyisiKhombisa izwakalisa amazwi ayo.

43 Nombhali, okungukuthi, ngenkathi uJohane ephakanyiswa, wayefanele alobe lokho akubonayo. Wayeseqala ukuloba phansi. Yathi, "UngaKulobi." Ngoba . . . "Ungakulobi Lokho." Kuyi un- . . . Yathi, "Kunamathisele ngophawu." Yini ephakathi na? "Namathisela ngophawu. UngaKusho." Niyabo, Kuzokwembulwa, kodwa Akulotshiwe ngisho naseZwini.

44 Bese kuthi-ke ngenkathi Liqala ukuvula iziMpawu, siyathola, zonke zazidida. Niyabo? Ngenkathi Livula uPhawu lokuQala, wacabanga, "Manje lapha Luzothi, 'Futhi kuzothi u*sbani-bani* uzothatha isihlalo sobukhosi, no*thize* enze *lokhu*, na*lo* uzokwenza *lokho*.'"

45 Kodwa ngenkathi kwenzeka, nangu wahamba, ihhashi elimhlophe, egibele, nomgibeli kulo. Awu, "Wayenomnsalo esandleni sakhe; futhi wanikwa umqhele, emva kwesikhashana," washo. Yilokho kuphela.

46 NeWundlu lafulathela futhi, lase lidonsa olunye uPhawu, futhi nakhu kwaphuma elimnyama . . . umgibeli wehhashi elibomvu. "Futhi wayene . . . wanikwa i—inkemba; futhi wayezokulwa; futhi anikwe amandla amakhulu, futhi asuse ukuthula emhlabeni, futhi babulalane." Lolo kwakuluhlobo lwe . . . kuselokhu kuyinto eyimfihlakalo (kwakungesiyo na?), ngenkathi LiLuvula nge.

47 Bese-ke kuyaqhubeka, lase lithi, "Ngosuku nje ngaphambi kwalemiDumo eyisiKhombisa, zonke izimfihlakalo lapha ziyembulwa."

48 Manje bukani. Siyathola-ke, njengoba kade sitadisha, ukuthi, kusukela phansi eminyakeni, sibe nabaguquli, hhayi abaprofethi. Abaguquli! Futhi isikhundla ngasinye siphethe owaso uqobo—umsebenzi waso uqobo.

49 Njengomuntu nje o—ophendula uthelefoni, akasuye ngempela usogesi. Angahle enze umsebenzana kuwo. Futhi njengokuthi, uma umuntu engusolayini, awu, impela u . . . Umuntu ungumumbi wemigodi yezigxobo, futhi engakaze awenze umsebenzi wolayini, kungcono aqhele kulayini; kodwa angahle enze umsebenzi wokupheshaphesha noma okuthize.

50 Kodwa nxa Into yangempela izokwembulwa ngosuku lokugcina, yengxenye yokugcina yeBandla, yingenkathi lapho uNkulunkulu ethe Wayezosithumelela, ngokwemiBhalo. Futhi sikuhlolisise sakuhlolisisa, ukuthi Wabikezela ukuthi uMoya kaElija wawuzobuya ukomunye umuntu. Manje, ngicabanga ukuthi lokho kwenziwe kwacaca kahle nje. Futhi si . . . Futhi sibheke lokho ukuba kwenzeke; ndawondawo, umuntu ogcotshiwe, ngezinsuku zokugcina, ukuba asukume. Manje niyozwa inqwaba yezinhlanya nayo yonke enye into, kodwa lokho nje—nje kuzama uku . . . Ngudeveli, ezama

ukususa kowangempela uma efika lapha, niyabo. Kodwa kuyokhonjwa ngokufaneleyo. Niyazi ukuthi uElija wayeyini; futhi kubhekisiseni lokho, futhi ni—nizokwazi. Bese kuthi-ke ngenkathi e . . . Manje, abaKhethwa bazokwazi.

51 Hhayi abanye; impela abayikukwenza. BayoKugeja, ngamamayela ayisigidi. Njenge . . . Sedlule kukho konke lokho, futhi sakhombisa ukuthi bamgeja kanjani uJohane, ukuthi bamgeja kanjani uElija, ukuthi bamgeja kanjani uJesu, ukuthi babageja kanjani indlela yonke. Futhi bayokwenza into efanayo, ngoba iBhayibheli lathi babezokwenza. Niyabo? Ngakho manje-ke, ngalesosikhathi, Kuyothobeka kakhulu. Kuyoba lula kakhulu. Lokho kuyo . . . okuyokwenza abantu bawe kuKho. Kulula kakhulu kubo. Siyathola, futhi njalo, ngenkathi abantu bethola ukuba smati futhi babe ngabafundisiwe, futhi bazi yonke inqwaba, khona-ke bavele nje . . . Lolo nje wuhlobo olukugejayo, niyazi. Niyabo?

52 UJesu akazange athathe labo uhlobo lwabantu lube (babe) ngabafundi baKhe. Wathatha abantu abangafundile, amadoda angabadobi, futhi akukho-muntu owayexhumene namabandla abo nezinto. Wavele wathola nje amadoda ajwayelekile, abathelisi, nabalimi, nabadobi, kanjalonjalo, ukuba benze umsebenzi waKhe. Niyabo? Isizathu, ba—bayazi ukuthi abayilutho, khona-ke Angenza utho ngabo, niyabo. Inqobo nje uma beqhubeka nokwazi ukuthi abayilutho, khona-ke uNkulunkulu angasebenza.

53 Kodwa nxa bethola ukucabanga ukuthi kukhona utho abalwaziyo, khona-ke, "Awazi lutho obufanele ulwazi," kusho iBhayibheli. Futhi ngakho, khona-ke, si—siyakuthola lokho.

54 Futhi manje, siyathola, ke, ukuthi lezizimfihlakalo zifanele zembulwe.

55 Nokuthi kungani lawa amanye amadoda, uWesley, uLuther, nalabobaguquli abakhulu, abakhipha ukulungisiswa, ukungcweliswa, unyaka wephentekoste nombhaphathizo kaMoya oNgcwele nezinto, abayibambanga ngani le—lemiLayezo na? AbaYitholanga ngani na? Ngoba babengabaguquli. Niyabo?

56 Njenga nje, kuthathe ngakwelinye icala, kwakunabantu abangenayo owaye "namandla njengamakhosi, kodwa kwukungesiwo amakhosi." Niyabo? Niyabo? Ufanele uliqaphele uhlelo lamagama asetshenziswa endabeni yeBhayibheli yanoma yini. Uyabo? Manje bhekisisani. Kodwa, lokhu, isizathu sokuthi zonke iziphetho ezidukayo, zengxenye eyimfihlakalo mayelana nokulungisiswa, ingxenye eyimfihlakalo yokungcweliswa, ingxenye eyimfihlakalo yombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Futhi, ngani, hlobo luni olwa . . . Ngabe uEva wadla iapula, noma ngabe wadla ipomegranati, noma okuthize na? Niyabo? Ngabe . . . Kwakuyini inzalo yenyoka enobuqili na? No—

nombhaphathizo egameni lika "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele," noma iGama le "Nkosi uJesu," kunjalo na? Futhi, o, amakhulu alezozinto, zishiywe zilenga. Niyabo?

57 Bese kuthi-ke ngehora lokugcina, lomfo uzovela futhi embule into, niyabo, aphakamise imiBhalo. Mhlawumbe kuyokhonjwa. Bukani. Yebo, mnumzane. Futhi, manje, akuyikuba ngenkulu, into enkulu manje. Kubukeka sengathi, lapha eBhayibhelini, bekungaba yinto enkulu.

58 Kwakukukhulu kakhulu kangakanani, ngenkathi uJohane wayefanele ukuza ehlele lapho bese ebhaphathiza! Cabangani nje manje. Abaprofethi, emuva, kusukela le emuva, uIsaya, uMalaki, nabobonke abakhuluma ngaye, ukuthi wayezofika nini. Futhi ngenkathi efika, yedwa nje, emdala, umfo ongafundile, nobuhwanqa bonke ubuso bakhe, nezinwele ziphume njengomswenya oneziboya ezisongene, nesiqephu esidala esikhulu sesikhumba semvu enqwambe ngaso; engenamfundo nhlobo, engakaze aye esikoleni usuku empilweni yakhe, ngokwazi kwethu. Niyabo? Nangu eza, evela ehlane, engemukeleki ngisho nakakhulu epulpiti, futhi wama phandle lapho emfuleni waseJordani futhi waqala ukubiza abantu ukuba baphenduke. Wawungathini nje!

59 IBhayibheli lasho, ukuthi, "Yonke into iyoba nkulu kakhulu ngalolosuku, kuze kuthi ngisho nezindawo eziphakeme ziyokwenziwa zibe phansi, nazo zonke izindawo eziphansi ziyakuphakanyiswa." Yebo mnumzane. "Futhi zonke izindawo ezimigoxigoxi ziyokwenziwa ithafa."

60 Ngani, sengathi ngiyabona ngibabona phandle lapho, becabanga ukuthi uJohane wayezophuma, noma lomanduleli omkhulu kaKristu, futhi nje athathe lonke ugwadule futhi alwenze lulelezeke, bese ekufaka utshani futhi. Niyabo? O, bona, sengathi ngiyabona babekulungise konke, mayelana njengoba benakho namhlanje.

61 Kodwa, kwakuthobe kakhulu, ngisho nabaphostoli bakugeja. Bathi, "Awu, usholoni umBhalo, uma i . . . Wenyukela lapho ukuba unikelwe manje na? Usholoni umBhalo ukuthi—ukuthi uEliyase umelwe ukufika kuqala na?"

62 Wathi, "Usevele ufikile, futhi anikwazanga. Futhi, iNdodana yomuntu, bayokwenza into efanayo. Kodwa, uJohane," Wathi, "wenza khona nje okwakuthandeka ukuba akwenze. Futhi benze kuye khona impela nje ababefanele ukukwenza. Futhi," wathi, "kanjalo iNdodana yomuntu nga ihlupheka."

63 Ngani, kwakungekho, ngiqagele, oyedwa kwabathathu waso sonke isizwe samaJuda owake wazi ukuthi uJesu Kristu wayesemhlabeni. Akuzange . . . Bangahle ukuba bezwa ngohlanya oluthile ezansi ngapho ndawondawo, kodwa abakunakanga, beqhubeka nje. "Weza kwabaKhe uQobo, nabaKhe uQobo abaMemukelanga." Manje, yilapho engikholwa

ukuthi ngisho. . . Manje, akushongo ukuthi Wayezofika ngokufihlakele.

64 Kodwa uHlwitho luyoba yimfihlo. Ngakho uma lokho kwakuyimfihlo kakhulu, nxa Efika, luyoba ngolungaziwayo kakhulu kangakanani uHlwitho! Niyabo? Abayikulwazi. Emva kwesikhashana bayothi, "Awu, bengicabanga ukuthi sasifanele ukuba noHlwitho. Nakho konke lokhu ukwehlulelwa phezu komhlaba na?"

65 Uyothi, "Sekuvele kwenzekile, futhi anikwazanga." Niyabo? Kuyobanjalo, njengesela nje ebusuku.

66 Njenge—ngencwadi engayifunda, ngesinye isikhathi. Kubizwa ngokuthini lokho na? URomeo noJuliet, ngabe yilokho okwakuyilokho, noma okuthize na? Udedela, unelada liphezulu eceleni kwendlu, ngandlela thize. Ngi for-. . . Sekukudala. Futhi kufika, wathola eyakhe. . . ukumkhipha ngesikhathi sasebusuku.

67 Manje, yileyondlela okuyo—okuyokwenzeka ngayo, futhi kuyobe kungasekho. Akusikho ukuthi, bayokwehlisa isigejane seziNgelosi, nezipeyidi ezithile, bese zimba amathuna. IBhayibheli lathi, "Siyoguqulwa, ngaphambi ngisho kokucwayizisa iso lakho." Ukuphazima nje, kuyobe sekwedlule, lokho kushesha.

Uthi nje, "Ukhona onyamalele."

68 Awu, sengathi ngiyabona ukuba besingahlola umhlaba wonke, namhlanje, bekunabantu abangamakhulu amahlanu abanyamalalayo emhlabeni usuku ngalunye, niyabo, abazi lutho ngabo. Bayakhuphuka nje, benyamalala.

Awu, abazukuba baningi kakhulu abangena kululoHlwitho.

69 Manje, angifuni ukunesabisa, futhi angi—futhi angi—ngi—ngi—angicabangi ukuthi kuyoba ngaleyondlela, kodwa ngifuna ukukutshela nje ukuthi Wathini. Futhi uyakwazi, qobo lwakho. "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, eyasindiswa ngawo imiphefumulo eyisishiyagalombili ngamanzi. Imiphefumulo eyisishiyagalombili ephuma ezweni, isindiswe ngamanzi."

70 Awu, wena uthi, "O, he! Asikho isidingo sami sokuba ngizame." Lokho kukhombisa ukuthi awunalo uhlobo lokukholwa oludingayo.

71 Uma nje kuzobakhona—khona oyedwa, lowo kuzoba yimi, amen, ngoba ngiyakholwa. Niyabo? Yileyondlela ofuna ukukukholwa ngayo, uyabo, "Kube yimi." Impela. Ngifuna ukuphila ngokusondela kakhulu kuYe, ukuthi ngiyazi ukuthi Uzongithatha nxa Esefika. Ngiyakukholwa. Kunjalo. Ngakho uma kukhona. . . Uma wonke omunye umuntu elugeja, ngizoba lapho, ngomsa waKhe. Isizathu, Wangethembisa lokho, futhi ngiyazi ukuthi ngiyoba—ngiyoba lapho, ngoba Angeqambe amanga. Futhi ngiyazi umphefumulo wami nempilo kuyafakaza,

futhi ngizama ukuphila nsuku zonke kube sengathi nje Ubeza, ngakho ngi—ngi—ngizoba yilowo. Yileyondlela ofuna ukuzwa ngayo, "Uma bezoba yisishiyagalombili, ngizoba ngomunye walesosishiyagalombili; bezoba ngamakhulu amahlanu, ngizoba ngomunye walawomakhulu amahlanu. Angazi ngomunye umfo, kodwa ngifuna ukuba ngomunye walawomakhulu amahlanu." Niyabo? Yileyondlela ofuna ukukhumbula ngayo. Uyabo?

72 Futhi uma ungakukhumbuli kanjalo, kukhona okungalungile ngokukholwa kwakho. Niyabo? Awuqinisekile ukuthi ngabe usindisiwe namanje, ke. Uyakuqagela nje. Ungakwenzi lokho. Kulungile.

73 Asizukungena kuloluPhawu, sizongena na? Kulungile. Ngifuna, ubusuku ngabunye. . . Angazi noma ninendaba yini uma ngidla isikhathi senu. Besingaphuma ngaphambidlanyana kwesikhathi. Akukho kakhulu . . .

74 Ekwembulweni kwalezi, zaleziziMpawu, khumbulani, yivesi elilodwa ngempela. Elokuqala, lisho ukumenyezelwa kwalo, ivesi 2. Cishe impela zonke izihlaziyi, kanjalonjalo, ukufundwa kwalo, noma—noma ukufunda ngemicabango yabo, futhi ngine—futhi bengihlala njalo ngikholwa njengoba cishe bonke ababo ekholwa, ukuthi umgibeli wehhashi wokuqala wayeyi—wayeyibandla lasekuqaleni. Kodwa ngenkathi uMoya oNgcwele ukwembula, kwakuphambene uqobo nalokho. Futhi ngakho-ke, konke okukwenzayo, kuyakhombisa nje ukuthi kuyini. Futhi manje-ke ngizama . . .

75 Manje, kimi, lokhu kungcwele kakhulu. Yingalesosizathu ngiqoka ukuphendula lemibuzo. Futhi asikuthole, wonk'umuntu azi ngokuqondile, nasemateyipini, futhi, ukuthi bazoqonda manje. Niyabo? Ngizamile ukukhuluma isikhashana, ebusuku, ngokwendlalela, ukuthola abantu . . .

76 Ukugijimela phakathi nokufuqela phakathi, futhi, anifanele nikwenze lokho. Niyabo? Kodwa, nxa kwenza, yizidalwa ezingabantu. Futhi kuyashisa phakathi—phakathi lapha, futhi ni—futhi niyashobashoba.

77 Kodwa nibe kahle kabi, kabi. Okwedlula konke engibone abantu bekwenza, etabernakele, kube yilomhlangano; nokuhlala nithule, nomama bethatha izingane zabo beziyisa ekamelweni lezingane uma ziqala ukukhala. Yonke into ibikahle kabi.

78 Kodwa ngizama ukukwendlalela ngize nje ngizwe ugcobo lukaMoya lukimi, ukuba ngisho lamaZwi, ukuba ngisho okwembulwe kimi. Bese kuthi-ke uma nginakho, ndawondawo, ngenza lokho, uma ngenze iphutha lapha, impela lapha phambi kwabo bonke abantu Uzongiqondisela khona. Ngi—ngiyakufuna. Ku—ku . . . NgiKufuna kube kahle. Asikho isidingo sokuthatha nje lokho okucabangelayo. Kunento ethize eyiyo, futhi—futhi sifuna Leyo. Sifuna uNkulunkulu ukuba asinike okuyikho.

79 Ngakho manje sithathe lo, lababagibeli, lapho bekhuphuka. Ihhashi lokuqala, manje, futhi siyaqonda ukuthi lowo kwakungu—ngumphikukristu owaphumayo. Bese siyathola-ke, izolo ebusuku, ukuthi umfo ofanayo owaphuma njengomphikukristu, njengehhashi elimhlophe, simthole enenkemba, izolo ebusuku, egibele, futhi ebulala abantu.

80 Manje, manje, njalo kunokwemvelo nokomoya. Futhi ngenxa yeBandla, ngifuna ukufanekisa, ngaphambi nje kokuba singene ekuvulweni kwaloluPhawu.

81 Okungukuthi, Anginika khona, ngifanele ngikubhale phansi lapha. NginemiBhalo eminingana lapha, amakhasi ayisikhombisa noma ayisishiyagalombili akho, futhi njengoba ngikhomba kukho.

82 Qaphelani, ngifuna ukunikeza umfanekiso, weBandla, futhi ngikwenze kucace kakhulu ngangokuthi niyobophezeleka ukuthi nikubone. Niyabo?

83 Manje, kwakunomlobokazi wemvelo ensimini yase-Edene. Niyakhumbula izolo ebusuku na? Lowomlobokazi wemvelo, wayeyisithandwa sika-Adamu, engakabi ngumkakhe, ngoba wayengakamazi njengomfazi.

84 NjengoMariya nje wayengumkaJosefa, kodwa wayengakaze amazi. "Wafunyanwa ekhulelwe." Niyabo?

85 Manje, ngaphambi kokuba uAdamu amazi umkakhe, wayesengumlobokazi nje kuye. Kulungile. Futhi sithola ukuthi uNkulunkulu . . . Yena, wawa ensimini yase-Edene ngoba wehluleka ukubambelela eZwini likaNkulunkulu.

86 Manje, Wayazi ukuthi uSathane wayezodedelwa abe phakathi kwabo, ngakho Wabanika i—indawo yokuhlala ngemuva; abaqinise. Awu, lapho, ubani owayengahle azi noma yiyiphi indawo engcono yokuqiniswa, kunoNkulunkulu, uma Ezama ukunakekela abantwana baKhe uqobo na?

87 Ukuba bengifuna ukunakekela uJoseph wami omncane, awu, mfowethu, yonke into . . . Futhi ngibe bengazi ukuthi impilo yakhe ibithembele kukho, ngani, bengizo . . . futhi bengikwazi ukukwenza. Awu, uma ukhonkolo ongamafidi angamashumi amane, ufakwe amaringfosi, ubungaba—bungaba yinto ebingakwenza, lokho yi . . . bengingawenza ube ngamafidi angamashumi ayisishiyagalolunye, ukuba ngiqiniseke, lokho.

88 Futhi uma ngingacabanga ngalokho ngomfana wami omncane, (okungukuthi, uma ukuphila kwakhe okufayo bekulahlekile, ngikholwa ukuthi umntwana ubeyosindiswa,) kakhulu kangakanani, kuNkulunkulu, kumntanaKhe obeyolahleka Phakade! Ufanele Ambeke emva kwani na? Wambeka emva kweZwi laKhe uQobo. Inqobo nje uma ukuleloZwi, uphephile. "Uma nihlala kiMi, namaZwi aMi ekini, khona-ke celani enikuthandayo." Yilokho-ke, iZwi.

89 Ngakho, uEva wathola ukuthi azishayelwe wumoya ensimini, futhi wagijimela enyokeni, uhlobo lomfo ophucuzuke kakhulu. Futhi u . . . Futhi uqala . . . Manje, wayengakolunye uhlangothi. UNkulunkulu uphila, ahlale, asebenze ekuzehliseni, lutho neze ngenye indlela. Niyabo? Manje, elincane, inenekazi elizithobile lihamba ngalapho, noSathane uyenyuka njengohlakaniphile, onekhono, uhlobo lomfo ophucuzekile. Futhi wayefuna ukumthengisela uhlelo. Inqobo nje . . .

90 Akunandaba ukuthi uSathane wayezungeze kangakanani; inqobo nje uma wayehlale emva kwaleliZwi, wayekahle. [UMfowethu Branham umbambatha iBhayibheli lakhe—Umhl.] Niyabo? Ngakho, uSathane makenze afuna ukukwenza; wena nje hlala neZwi. Ungenzi nokuncu ukwehluka.

Uma ethi, "Ngani, uyagula."

"Ngemivimbo yaKhe ngiphilisiwe."

"Awu, uzofa."

"Uyongivusa futhi. Wakwethembisa."

91 Niyabo, hlala nje emva kweZwi. Yilokho kuphela. UKristu wahlehlela emuva eZwini, qobo lwaKhe. "Kulotshiwe." Niyabo? Manje, hlala emva kweZwi.

92 Kodwa, uEva, uqala ukuthi ukwehlisa, kodwa akazange akwehlise konke. Wehlisa kuphela umusho omncane owodwa. Futhi yilokho uSathane ayefuna akwenze. Wamsusa emva kwesithembiso sikaNkulunkulu, ngokuzindla.

Ungazami neze ukuzindla iZwi likaNkulunkulu. Likholwe nje! Niyabo?

93 Ngakho, wasuka waphuma Lapho. Futhi ngaphambi kokuba uAdamu ake aze afike kuye, ukuba abe ngumfazi, wayesevele oniwe nguSathane. Futhi u . . .

94 Futhi niqaphelile na? UKristu wenza into efanayo, impela. Manje, okokuhlenga, uNkulunkulu wayefanele abe lapho kuqala. Niqaphelile na? UMariya, ngaphambi kokuba eze kuJosefa, uMoya oNgcwele wase uvele ufikile lapho. Amen. Niyabo? Uza lapho-ke uMhlengi.

95 Manje, manje qaphelani, owesifazane wemvelo wawa, noNkulunkulu wamenzela indlela yokuba ahlengwe. Nakuba wayewile, Wenza indlela.

96 Manje, lowo kwakungumlobokazi wokuqala emhlabeni, wawa, ngaphambi kokuba umyeni wakhe naye bashade. Wawa, ngo—ngokuzindlwa koku—kokuzindla, esikhundleni sokuhlala neZwi. Wawa. Futhi wawela ekufeni, ukwehlukana kwaPhakade. Naye, wathatha umyeni wakhe nayo yonke enye into eyayisemhlabeni. Wawa!

97 Manje, kodwa, uNkulunkulu, egcwele isihawu, wenza indlela yokuhlenga lowo wesifazane. Futhi manje

Umethembisile, emtshela ukuthi ngesinye isikhathi, enkathini ezayo, iZwi leqiniso laliyoza kuye futhi. IZwi leqiniso liyokwaziswa kuye. Manje kukhumbuleni lokho. Isizathu, Wethembisa uKristu, ngowesifazane.

98 NoKristu uyiZwi. UJohane oNgcwele 1, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. NoLizwi waba yinyama," niyabo, "futhi wakha nathi." UNkulunkulu wakha nathi enyameni. WayeyiZwi.

99 Ngaphambi kweZwi, ngumcabango. Nomcabango uzofanele udalwe. Kulungile. Ngakho, imicabango kaNkulunkulu iba ngokudaliweyo ngenkathi ukhulunywa, ngeZwi. Lokho kungenkathi Ekwethula kuwe—kuwe njengomcabango, umcabango waKhe, futhi wembulwa kuwe. Manje-ke, kusalokhu kungumcabango uze *u*wukhulume. Yingalesosizathu . . .

100 UMose waphuma ukuyokhuleka. LeyoNsika yoMlilo imzungezile, Wayesethi, "Hamba, uphathe induku yakho ibheke ngasempumalanga, bese uthi, ubize 'izibawu.'"

101 Akukho-zibawu. Kodwa wahamba futhi waphatha induku lapho, wayesethi, "Makube-khona izibawu." Kungekho-zibawu nhlobo, namanje. Wabuyela emuva. Kodwa amazwi, umcabango kaNkulunkulu, wase uvele ukhulunyiwe. Yizwi, manje lizokwenzeka.

102 Manje aniboni yini lapho uJesu asho khona na? "Uma nithi kulentaba; hhayi uma kushiwo yiMi. Kodwa *ni*thi kulentaba, 'Nqukuleka.'"

103 Nento yokuqala, ngiqagele, ngesikhathi sikaMose, esidala isibawu esil'hlaza siqala ukubhuza. Futhi, emva kwesikhashana, zase zingamaphawondi amahlanu iyadi ngalinye. Niyabo? Zazingavelaphi na? U . . . uNkulunkulu wazidala. Aniboni yini ukuthi kanjani . . .

104 UNkulunkulu angabhubhisa lelizwe kulobubusuku, nge—ngezimbuzane, uma Efuna. Awu, Ubenganqwabela izimbuzane zize ziyothi ngqu enyangeni. Into kuphela Abengayenza nje ngukuba athi, "Makube-khona izimbuzane, ziyofika enyangeni." Lokho bekungaba lapho konke obekungaba kukho. Kungekho-zithako noma lutho, beziyolokhu ziqhubeka zikhula nje, zikhula, ziqhubeka zikhula. Niyabo?

105 Angenza lokho Afuna ukukwenza. UnguNkulunkulu, uMdali. Into kuphela yokuba yenziwe ngukukukhuluma nje. [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe kanye—Umhl.] Kunjalo. UnguMdali. Manje, uma nje sithola ukuqonda ukuthi Mkhulu kangakanani! Niyabo? Wenza nje lokho Afisa ukukwenza.

106 Uhlala phezulu lapho bese ebuka abantu, nalababafundisayo abancane, bephuma behlakanipha, futhi, "Akekho uNkulunkulu," na—nayo yonke into. Ehhe! Ngani, kunjengoba babenjalo nje eBabele, futhi. EBabele, njalo.

107 Manje siyaqaphela ukuthi uNkulunkulu watshela uEva, ukuthi, "Emva kwesikhathi eside kangaka, iZwi libuyela kuwe." Manje, wawa kanjani na? Ngifuna iklasi lami likusho. Wawa kukuphi na? Wawa kukuphi uEva na? IZwi. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "IZwi."—Umhl.] IZwi. Futhi uNkulunkulu wathi Wayezokwenza indlela ukumhlenga ngokumbuyisela eZwini futhi. Kulungile. Emva kwesikhathi eside kangaka, iZwi lalizokwenziwa laziwe kuye. Kulungile. IZwi lalizofikela inhloso eyodwa. Bambani niqinise manje, engikushoyo. IZwi lalizofikela inhloso eyodwa, leyo kwakungeyokuhlengwa. Kulungile.

108 Kodwa, kuze—kuze kube ngaleyonkathi, wayenesibambiso esasizo—esasizosebenza kuze kufike isikhathi seZwi elingelokuqala. Manje ni—niyaqonda ngokucacile na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyabo? Wamtshela ukuthi iZwi lalizofika kuye futhi, kodwa, kuze kube yilesosikhathi, Umnika isibambiso kuze kufike lesosikhathi. Ngakho, Wamnika umnikelo ukuba awenze, isibambiso saleloGazi.

109 Manje, igazi lalingelezinkunzi nezimvu, nezimbuzi nezinto, kodwa alisisusanga isono sakhe. Niyabo? Lasibekela kuphela isono sakhe. Alisisusanga, nhlobo. Lasisibekela. Ngokuba, kwakuyigazi lesilwane, futhi egazini lesilwane ngukuphila kwesilwane. Kwakuyisibambiso kuze kuthi okwangempela . . . Manje yembathani amabhantshi enu.

110 Elangempela, iGazi lomuntu, njengoba izidalwa ezingabantu beziyoba njalo, zibe ngezingenwe emzimbeni (uNkulunkulu); ngaphandle kocansi, intombi, ukuzalwa yintombi kwaveza lokho. Manje iZwi likaNkulunkulu, isithembiso, laba yiGazi, futhi langena emzimbeni kuMuntu kaJesu Kristu uMsindisi. "Igazi lezinkunzi nezimbuzi, kanjalonjalo . . . "

111 Kodwa manje lindani. Lapha uNkulunkulu wenza isithembiso, ethi siyoba lapho uma Lifika, "Inzalo yakhe ifanele ichoboze ikhanda lenyoka." Manje, uma inzalo yakhe ifika njengoba ivela kuAdamu, noma njengoba yayikade ivela enyokeni, kanjalonjalo, khona-ke yayibe ilokhu iyinzalo enesono.

112 Yingalesosizathu uJohane akhala. Kwakungekho-muntu, ngoba akukho-muntu . . . Wonke umuntu wayengaphesheya, ngakolunye uhlangothi lomgodi, igebe. Kodwa kuzofika isikhathi lapho leligazi eliyisibambiso lesilwane liyoqedwa khona, lapho elangempela, iGazi elingene kumuntu selifikile: uNkulunkulu, wenziwa inyama neGazi. IBhayibheli lathi Wenziwa. KuThimothewu wokuQala 3:16, "Kuvunyiwe ukuthi

inkulu imfihlakalo yokukhonza: ngokuba uNkulunkulu wabonakaliswa enyameni." Kunjalo. Ukuzala kwentombi kwakwenza lokhu.

113 Manje, igazi lezimvu nelezimbuzi lasibekela isono, kodwa alisisusanga, ngokuba kwakuyigazi lesilwane. Kodwa kwakuzolunga, lalizoba yisibambiso.

114 Futhi impela bathola—thola ukusejwayela lesosibambiso, futhi ngakho baqhubeka nje.

115 Futhi, ngenkathi, elangempela, iZwi elithenjisiwe libonakaliswa kuJesu Kristu, Owafakazisa ukuthi uyiNdodana yoMdali omkhulu, uNkulunkulu; futhi waqinisekiswa, qobo lwaKhe, ngokuba yizwi likaNkulunkulu eliphilayo. Whewu! He! Wafakazisa ukuthi wayenguYe. Wayekwazi ukukhuluma izinto zibekhona.

116 Akukho-sidalwa esingumuntu, noma—noma lutho ezweni, owayengenza lokho. Akukho-nto emhlabeni engadala, kodwa uNkulunkulu. Udeveli angedale. Ungumphendukezeli walokho okudaliwe, kodwa angedale. Isono kuphela singukulunga okuphendukezelwe. Niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini. Yini amanga na? Ayiqiniso eliphendukezelwe. Niyabo? Yini ukuphinga na? Isenzo esingokomthetho esilungile esiphendukezelwe. Yonke into esonweni, isono siyiQiniso nje eliphendukezelwe. Manje, wayengeke adala.

117 Kodwa ngenkathi uKristu efika, wafakazisa ukuthi WayenguMdali. KwakuneGazi elalikade lithenjisiwe. Manje uma ufuna ukukufunda lokho, u. . . Angiphenye nje umzuzu. Sizothatha isikhathi ngalokhu, empeleni, kulobubusuku. Ngi. . .

118 Kungenza ngibe novalo. Ngicabanga ukuthi wonke umuntu ufuna ukuya ekhaya, niyazi. Futhi ngakho ku. . . [Ibandla lithi, "Qhabo."—Umhl.] Manje asithole iZenzo 2. Ngiyabonga. Futhi nje sizo. . .

119 IZenzo 2, futhi sizothola ukuthi ngabe lokhu kuqinisile, noma qha, noma ngabe Wafakaziswa ukuthi wayenguNkulunkulu. Kulungile. Tholani iZenzo 2. Manje asifike lapha evesini 22, uPetru ekhuluma, uSuku lwePhentekoste.

> *Madoda akwaIsrayeli, yizwanini lawamazwi; uJesu waseNazaretha, indoda efakazelwe nguNkulunkulu phakathi kwenu ngemisebenzi yamandla . . . ngezimangaliso ne*sibonakaliso, *uNkulunkulu azenza ngaye phakathi kwenu, njengalokhu* nina *your-. . . al-. . . nazi* nina *uqobo lwenu:*

120 "Indoda eyafakazelwa, ukuthi kwakunguNkulunkulu phakathi kwenu." Ngazo impela izinto Azenzile, wafakazisa

ukuthi Wayenguye. Nangu uPetru, emi emkhandlwini weSanhedrin, ebatshela.

121 UNikodemu wayazi into efanayo. Wathi, "Rabi, sonke siyazi ukuthi Wena ungumfundisi ovela kuNkulunkulu, ngoba akekho umuntu obengenza lezizinto ngaphandle uma Evela kuNkulunkulu." Niyabo? Babekwazi. Kodwa ngani na?

122 Manje bhekisisani. Manje, uEva wethenjiswa lokhu. Kodwa ngenkathi . . . Lowomlobokazi uyehla, futhi wala, ngenkathi iZwi langempela lifika kuye. Ngakho, owesifazane wala ukuqonda; umlobokazi ongumHeberu. Ngokuba, wayengumlobokazi ka—kaNkulunkulu; Wamlahla, ngesahlukaniso. Kunjalo na? Wayengumlobokazi kaNkulunkulu.

123 Wena uthi, "Awu, babengakaze bashade okwamanje." Kunjalo. Kodwa uJosefa walahla uMariya ngaphambi . . . Wayezomlahla uMariya ngaphambi kokuba bashade. Niyabo? Wayemethembisile.

124 Futhi ngenkathi Efika, neZwi Alethembisa, ufikela umshado, Wamfumana ezisonge ngezibambiso zakhe, kabi kakhulu, ngangokuthi wayengenakusithatha isithembiso soqobo esasenziwe, iZwi, uKristu.

125 Mhlawumbe anikutholi. Manje ake ngibuyele kukho futhi. Ngifuna nikuthole lokhu, niyabo.

126 Wethenjiswa, (umlobokazi, uEva), ukuba nguMhlengi. UMhlengi wakhe wayezoba yiZwi. Futhi ngenkathi iZwi lifika, lenziwa inyama, waLenqaba. Wanikwa izibambiso. Manje bambani lokho, "isibambiso." Wanikwa izibambiso ukuba aqhubeke, kuze kufike uMhlengi. Futhi nxa kufika uMhlengi, wayefuna ukuqhubeka nesibambiso sakhe, futhi wenqaba iZwi leqiniso. Niyabo? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Nalowo kwakungumlobokazi ongumHeberu.

127 Wenzenjalo naYe, ngoEva wesibili, umlobokazi, unina wabo bonke abaphilayo ngokomoya. Niyabo? U*Eva* lichaza ukuthi "unina wabo bonke," lokho yi spirit- . . . "konke ophilayo." U*Eva*, "unina wawo wonke ophilayo."

128 Manje, futhi ngenkathi Efika kumlobokazi ongumHeberu, wayengunina wawo wonke owayephila, kodwa waLenqaba.

129 UEva wemvelo wawa, e-Edene, ngokulalela ukuzindla kukaSathane ngokumelana neZwi likaNkulunkulu. Wawa kanjalo-ke. Kulungile, mnumzane. Wawa ngoba wenza lokho.

130 UEva kamoya, manje, lelo yibandla, umlobokazi kaKristu. Wawa, hhayi e-Edene, kodwa eRoma, niyabo, eMkhandlwini waseNayisiya, ngenkathi enqaba, lelobandla lePentecostal, elehlela eNayisiya, futhi elalela ukuzindla kweRoma, esikhundleni sokubambelela eZwini, wawa. Nayoyonke into ingekho eduze kwakhe, yafa naye, engakuye. Manje, njengoba

nje uEva wemvelo wawa, uEva kamoya wawa. Umlobokazi kaNkulunkulu wawa—wawa ensimini; uMlobokazi kaKristu wawa eRoma. Niyabo?

131 Qaphelani, ngokuzindla okufanayo, ngokumelana neZwi likaNkulunkulu, walahlekelwa futhi ngamalungelo akhe eziqiniseko zobumsulwa, kuSathane. Okungukuthi, sitholile ekwephulweni kwaleziziMpawu, ukuthi lowo kwakunguSathane, futhi kuselokhu kunguSathane lapho. IBhayibheli lathi kwakuyiso impela isihlalo sikaSathane. Futhi njengoba uEva alahlekelwa amalungelo akhe—akhe eziqiniseko zobumsulwa, futhi uwanikeza uSathane, ensimini yase-Edeni; ibandla, umlobokazi kaKristu, wenza into efanayo eRoma, ngenkathi belahlekelwa yiBhayibheli ngemibhedesho yabo nezizindlo. Niyabona ukuthi kufanekisa kanjani na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

132 Uvele uhambise leyomifanekiso nje, ubophezelekile ukuba uphume kahle. Uma isandla sami sibukeka sifana ne . . . uma ngingakaze ngizibone mina uqobo, futhi ngibona isithunzi sami siza, ngizokwazi nje ukuthi ngibukeka kanjani. Niyabo? Kodwa, yileyondlela. Uma nifuna ukubona ukuthi yini ezayo, bukani ukuthi bekunjani. "Ngokuba i . . . zonke izinto ezindala zaziyizithunzi zezinto ezizayo," iBhayibheli lasho. Kulungile.

133 Ngokuba, walahlekelwa yiziqiniseko zobumsulwa beZwi, iZwi likaNkulunkulu, ngenkathi ethengisa ngeBhayibheli, wayesefaka umuntu lapho othi ibandla linamalungelo okuguqula noma yini abafuna ukuyiguqula. Futhi bakwenzile. Nomlobokazi kaKristu, umlobokazi wephentekoste, wathengisa ngesiqiniseko sakhe sobumsulwa, eNayisiya, njengoba nje uEva athengisa ngesiqiniseko sakhe sobumsulwa kuSathane ensimini yase-Edene. Impela. Kulungile.

134 UNkulunkulu uthembisile; lelibandla, lelibandla lephentekoste, azi ukuthi lalizokwenza; njengoba Enza kuEva, uNkulunkulu uthembisile.

135 Ibandla lephentekoste, niyakholwa ukuthi lathengisa ngobuzibulo balo, ngaphambi . . . isiqiniseko salo sobumsulwa, ngenkathi lishiye lapho na? Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Lona, impela, lenza. Pho sihle ngani isivumokholo, esingasekelwe kuleliBhayibheli na? Ngifuna umuntu mumbe ukuba athole ukuthi yini ebizwa ngesiVumokholo sabaPhostoli, noma ngisho igama elilodwa laso eBhayibhelini. Leso yisivumokholo seKatolika, hhayi isivumokholo sabaphostoli.

136 Fundani iZenzo 2:38, leso yisiVumokholo sabaphostoli, uma Enaso. Ya. Niyabo? Manje, yilokho ababekusebenzisa ngaso sonke isikhathi, empeleni. Ngakho uma u . . . Niyabo?

137 Ngakho, bathengisa ngobuzibulo babo. Akusikho lokho kuphela, amaMethodisti, amaBaptisti, iPresbytrerian,

amaPentecostal, onke amanye awo, lenze into efanayo. Labumba ihlelo. IRoma, okwalenza lenze lokho, labumba ihlelo lase lifaka umuntu enhlokweni yalo. NamaMethodisti, amaBaptisti, amaPentecostal nawo onke, lenze into efanayo, labeka iqembu lamadoda enhlokweni yalo. Akunandaba ukuthi uNkulunkulu uthini, ba . . . Ufanele ukwenze ngendlela abathi kwenze ngayo.

138 Awu, kuyini na? Akulutho ezweni kodwa ubufebe bokomoya, uhlobo olungalungile lowesifazane; yebo, mnumzane, izivumokholo, izivumokholo eziqamba amanga, ezenziwe ngumuntu. Lase-ke liba, ngenkathi lenza lokho . . . Manje ngizokufakazisa lokhu. Laba yisifebe, kuNkulunkulu. Niyakholwa ukuthi iBhayibheli liyakusho lokho na? Yebo, mnumzane. Amadodakazi aso enze okufanayo.

139 Manje eSambulweni 17, uma nifuna ukukumaka phansi. UJohane wathathwa wafakwa kuMoya, "Ngase ngibona isifebe esikhulu sihlezi phezu . . ." Futhi sikufundile izolo ebusuku. Futhi kwakukhona amagquma ayisikhombisa, futhi khona impela esasikwenzile. Futhi sasinike izwe ukuhlobonga kwaso okungamanyala. Kunjalo na? "Nawo onke amakhosi omhlaba aphingile naso," ekhohlisa, futhi eba, futhi eqamba amanga, futhi ekhokhela ukuphenduka, no—nokuzinikela ngemithandazo eyisishiyagalolunye, nayo yonke enye into.

140 Awu, manje khumbulani, sasinamadodakazi. Awu, uma sasibe ngumzimba, naphansi kwenqubo yenhlangano, khona-ke yonke inqubo ayilungile. Futhi uma uEva, engamlaleli uNkulunkulu, waphosa yonke into ekufeni, eyayiphansi kwakhe; nalolonke ibandla elihlelayo, liphosa yonke into ekufeni, phansi kwalo. Impela. Yonke into ayisekho. Lokho impela kuhambisana neZwi lapha. Fundani iSambulo 17. NeBhayibheli lasho ukuthi Wayezo "sishisa ngomlilo, nabo bonke ababantwana baso naso." Kunjalo. Lokho kusho ukuthi, yonke inqubo yenhlangano iyosha, nesifebe.

141 Manje, lokho kuzwakala kuyingcaca, futhi ngi—ngiyazi nizozwa kukho, futhi ngi—ngifuna nizwe kukho. Futhi ngi—ngi . . . Kunjalo, nokho. IBhayibheli lasho njalo, ngakho lokho kukwenza kube ngokuqinisileyo.

142 Waba yisi "febe." Ningakufunda eSambulweni, isahluko 17. Yena, wenzani na? Wafeba, kuMyeni wakhe uqobo. "Awu," wena uthi, "qhabo, lelo yiBhayibheli." IZwi linguNkulunkulu. Futhi uma uthatha into eyodwa . . .

143 Ubungathanda umkakho eqabula enye indoda ethize na? Uma engenzanga okwedlula lokho, ubungeke uthande akwenze. Ubengafakazisa ukungabinakwethembeka kwakhe.

144 "Oyosusa iZwi elilodwa kuLo, noma enezele elilodwa kuLo." Haleluya! UKristu ufuna uMfazi waKhe emsulwa neZwi. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kane—Umhl.] Yileyondlela Afanele abe yiyo.

145 Isizathu, lutho, akukho nokukodwa okuncinyana, noma ijittle eyodwa, kumbe noma yini, noma okuncane, okuyodlula kulowomthetho, noma okuvela kuleyoNcwadi, kuze Kugcwaliseke konke. UJesu wathi, "Kodlula kokubili amazulu nomhlaba, kepha iZwi laMi alisoze ledlula."

146 Ningabeki ukuhumusha kwangasese kuLo. Ufuna elimsulwa, elingaxutshwe nalutho, akukho ngisho nokuqomisana. Ngingethande umkami aqomisane nenye indoda ethize. Futhi uma uhamba ulalela kunoma yiluphi uhlobo lwezizindlo, ngaleya kwaleLo, ulalela, uqomisana noSathane. Amen! Akunenzi yini nizizwe nigcwala ukholo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] UNkulunkulu unifuna nihlale ningaxutshwe nalutho. Hlalani khona lapho naleloZwi. Hlalani naLo ngqo. Kulungile.

147 UNkulunkulu wethembisa kuye, njengoba Enza kuEva ensimini yase-Edene, kuloEva wokugcina lapha. Okungukuthi, ibandla lephentekoste, ukuqala kwebandla, ibandla qobo lwalo, lingunina wabo bonke abantu abaphilayo, ngoba, inqobo nje uma behamba bangene lapho. Kodwa, niyabo, ngenkathi befukula izono zakhe, bafa naye.

148 Nakhu kufika umfo omncane. Uthi, "Ngi—ngifuna ukukhonza uNkulunkulu."

149 Bathi, "Awu, nakhu okwenzayo. Yehlela lapho bese uyaphenduka."

"Kulungile, ngizokwenza. Udumo kuNkulunkulu!" Yehlela lapho, uphenduke.

150 "Manje woza usijoyine." Lapho, nakho lapho okhona. Ehhe. Niyabo? Lokho kwakuthola. Ehhe! Kunjalo, wafa nakho ngqo. Niyabo? Niyabo? Lokho nje yi . . . Yilokho leNcwadi ekufundisayo, niyabo, hhayi okushiwo yimi. Ngoba, Kusho Lapha, kanjalo. Kulungile.

151 Manje, uNkulunkulu umethembisile, njengoba Enza kuEva. Watshela uEva ukuthi kwakuyofika isikhathi ukuthi i—iZwi lalizobuyela kuye futhi. Manje niyakukhumbula lokho na? Alahleka kukho, kwakuzobuyiselwa. Isizathu, yinye kuphela Into engabuyisela, nalelo yiZwi. Impela.

152 Ngathi, dubula isibhamu; uma ungashayi esikhonkosini, thola ukuthi siphume kuphi. Ufanele ubuyele lapho bese uqala futhi. Niyabo?

153 Futhi uma ubuyela emuva, uya eNayisiya. Yilapho oqala khona futhi, niyabo. Buyela emuva, udede kulezozinhlangano, udede kulelobandla. Kade sibona leziziMpawu ngokuphelele nje.

154 Bengihlala njalo ngimangala, yonke impilo yami, kungani ngangimelene kangaka nezinqubo zenhlangano. Hhayi abantu, qhabo. Abantu bafana nami noma nawe nje, kumbe nanoma

ubani omunye. Kodwa leyonqubo, leyonqubo yamahlelo, manje sengikubona khona lapha. Angikaze ngikwazi kwaze kwaba manje. Futhi kunjalo.

155 UNkulunkulu wethembisa uEva kamoya, ngokufanayo njengoba Enza uEva wemvelo, ukuthi futhi iZwi lalizobuyiselwa kuye. Ngezinsuku zokugcina Wayezobuyisela eBandleni, eZwini lasekuqaleni futhi.

156 Manje bhekisisani ngempela. Ngi—ngifuna niqiniseke manje. UNkulunkulu wathembisa uEva, ukuthi isikhathi sasizofika lapho iZwi lalizobuyiselwa eNzalweni yakhe. LeliZwi, qobo lwaLo, liyoba yiNzalo. Futhi ngenkathi bemnika isibambiso, wabamba lesosibambiso. Futhi ngenkathi iZwi lifika kuye, wenzani na? "AngiLifuni." Lalithobe kakhulu. Alibukeki kahle, kuye. Lalingapholishekile ngokwenele. "Isitebele? O, he! He! UMfo onjalo, kungekho nosuku esikoleni? Awu, bengingekwemukele Lokho. Lowo akusuye uMesiya. UMfo ovumela abafo baMkhahlele ngapha nangapha kanjalo, bese kuthi-ke niKubize ngo 'Mesiya'? Wabayekela babeka indwangu ebusweni baKhe, bese beMshaya ekhanda na? Futhi WaZibiza ngomProfethi, umProfethi wangempela, ovukile na?"

157 Empeleni, babengabazi abaprofethi. UJesu washo njalo. Wathi, "Ukuba benibazi abaprofethi, beniyakuNgazi." Kunjalo.

158 Manje qaphelani. Kodwa ngenkathi iZwi lifika kuye, indlela, ngayo impela nje indlela uNkulunkulu athi Lalizofika ngayo; waLithatha ngenye indlela ethize. Ngikhuluma ngomlobokazi, umlobokazi ongumJuda, umlobokazi ongumHeberu. Lowo kwakunguEva, okokuqala nje. Kwase kuthi-ke ngenkathi Liphumela lapha, wayengaLifuni. Wayefuna ukuhlala nezibambiso zakhe.

159 Manje, uNkulunkulu wethembisa uEva kamoya, ePhentekoste, wakusho ngisho nangaphambi kokuba kwenzeke, iminyaka engamakhulu amane ngaphambi kokuba ibandla lize liwe, ukuthi babezokuwa, futhi babezokwenza abakwenzile. Kodwa, Wethembisa, ngezinsuku zokugcina Wayezothumela iZwi futhi.

160 UJesu wakhuluma into efanayo ngenkathi Wayesemhlabeni; WayezoLithumela futhi. Futhi yini e. . .Liyotholani na? Liyothola into efanayo Elayitholayo ngenkathi Lifika kuqala. Kunjalo. Bane. . .Bona, bafuna izibambiso zabo. Bafuna ihlelo labo. Bafuna izivumokholo zabo. Bafuna ukuphila nje ngendlela abafuna ukuphila ngayo. Futhi bafuna, "Awu, ngingu*S'bani-bani*. Ngingoka*Sbani-bani*." Akwenzi mehluko ukuthi uNkulunkulu wenzani, ukuthi UZibonakalisa kangakanani; Wayekwazi ukuvusa abafileyo; Wayekwazi ukusho izimfihlo zezinhliziyo; Wayekwazi ukwenza yonke into iBhayibheli elathi Wayezoyenza. Lokho akwenzi nomnci

umehluko. "Uma kungaxhumene nenhlangano yami, akulutho kuLo." Niyabo?

161 Into efanayo eyenziwa ngumlobokazi ongumHeberu, kunjalo, niyabo, balalela isibambiso sabo. NoNkulunkulu wabethembisa okwangempela. Futhi ngenkathi okwangempela kufika, babengaKufuni. Kwakuthobe kakhulu.

162 Manje yinto efanayo namhlanje, nxa—nxa Livuka enkundleni. Manje, uNkulunkulu washo, kuMalaki 4, ukuthi Wayezothumela uMlayezo ngezinsuku zokugcina, owawuzobuyisela. UJoweli wathi, "Ngiyakubuyisela yonke iminyaka." Yonke into edliwa yiRoma iyiqede, nayo yonke into edliwa amaMethodisti ayiqede, nayo yonke into amaBaptisti ayidla ayiqede, esuka kulelogatsha lasephentekoste lasekuqaleni, uNkulunkulu wathi, "Ngiyakubuyisela ngosuku lokugcina." Kunjalo.

163 Futhi Angasithumelela umuntu onjengalowo oyoba . . . Into kuphela uNkulunkulu ake athumela iZwi laKhe kuyo kwakungumprofethi, hhayi kubaguquli; kubaprofethi. Kwakungesilo ihora layo. Manje sekuzoba yihora, futhi yingalesosizathu siyibhekisisa ukuba ifike. Iyothobeka kakhulu futhi ibe mnene! Futhi ngakho . . . O, he!

164 Nicabanga ukuthi lawomaMethodisti ayizikhulu, amaBaptisti, nePresbyterian, amaPentecostal, ayoke akwemukele na?

"O," wena uthi, "AmaPentecostal?"

165 AmaPentecostal ngabaseLawodikeya. "Bacebile, futhi kabasweli lutho."

166 Kwathi, "Awazi ukuthi umpofu." Ngahle ukuba babakha izakhiwo zezigidi zamadola, kodwa usalokhu umpofu, ukuba mpofu kokomoya.

"O," wena uthi, "NgiLibona lonke."

"Uphuphuthekile!"

"Awu," wena uthi, "akabusiswe uNkulunkulu, ngimbozekile."

"Uhamba-ze!"

"Awu, ngiqinisekile ngabafana bethu. Sinamakholiji. Si . . . "

167 "Kanti kawazi." Manje lokho nje kungapha nangapha. Manje, uma iBhayibheli lasho ukuthi iBandla laseLawodikeya lalizoba kulesosimo . . .

168 Futhi akukho-muntu emhlabeni obengaphika ukuthi lona akusiwo unyaka wokugcina, ngoba, uNyaka weBandla laseLawodikeya, noma, unyaka webandla wesikhombisa. Futhi, nakhu lapho esikhona, iminyaka yesibili yezinkulungwane ezimbili isiyawuqeda. Ayisekho eminye iminyaka yebandla. Yingalesosizathu nina bazalwane beMvula yaMuva

ningakwazanga ukuqala enye inhlangano. Ayisezukubabikho. Kunjalo. Kusekupheleni. Amen. Ngeke isabakhona iminyaka yebandla. Usuphelile.

169 Kodwa manje-ke uma umlayezo wephentekoste wawungumlayezo wokugcina . . . Okungukuthi, ukulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, imilayezo emithathu yokugcina, iminyaka yebandla emithathu yokugcina ubumba ukuZalwa okuphelele.

170 Kufana nje nowesifazane ene, ezoba nengane yakhe; into yokuqala yangempela eyenzekayo ngamanzi, into elandelayo yigazi, into elandelayo ngukuphila.

171 Ngenkathi bebulala uJesu esiphambanweni, kuphuma into emzimbeni waKhe, ukwenza omusha . . . ukwenza u—ukuZala. Bashaya uhlangothi lwaKhe, iGazi namanzi kwaphuma, futhi, "Ezandleni zaKho Ngiyawubeka uMoya waMi." Okwaphuma emzimbeni waKhe kwakungamanzi, iGazi, uMoya.

172 Manje, uJohane wokuQala 5:7 uyanitshela ngalokho, "Bathathu abafakazayo eZulwini, uYise, iZwi (elinguKristu,) noMoya oNgcwele." Nalaba abathathu bavumelana entweni yinye; abamunye, kodwa bavumelana entweni yinye. Futhi bathathu abafakazayo . . . Noma, "Bamunye," Ngiqonde ukusho njalo. Ngiyaphaphalaza lapho. "Nabathathu abafakazayo emhlabeni, amanzi, iGazi, noMoya, futhi bavumelana entweni yinye."

173 Ungangcweliswa ngaphandle kokuba ulungisiswe. Futhi ungalungisiswa ngaphandle kokuba ungcweliswe. Ungangcweliswa ngaphandle kokwemukela uMoya oNgcwele. Kunjalo impela.

174 Abafundi, kuJohane 17:17, wangcweliswa futhi wanikwa amandla ukuba akhiphe odeveli, kodwa wayesalokhu engenawo uMoya oNgcwele. Niyabo? Impela. Wayefanele enyukele ePhentekoste, futhi alinde kuze kufike uMoya oNgcwele.

175 Yilapho uJuda akhombisa khona ubunjalo bakhe. Niyabona ukuthi lowomoya wasebenza indlela yawo wedlula ekulungisisweni, ekungcwelisweni na? Kodwa ngenkathi usufika ekupheleni, wakhombisa ubunjalo bakhe. Niyabo? Kunjalo.

176 Manje qaphelani, manje, futhi nakhu sisesikhathini sokuphela. NoEva kamoya, njenga nje nenat- . . . njengoba uEva ongumHeberu wethenjiswa, umlobokazi ongumHeberu wethenjiswa iZwi ukuba libuye. Nomlobokazi kamoya ovela ePhentekoste, ngenkathi ewa eNayisiya, khona-ke uyethenjiswa ezinsukwini zokugcina ukuthi iZwi liyofika futhi. Manje wena uthi, manje-ke . . .

177 Nifuna omunye umBhalo, uthatheni ngapha, iSambulo 10. Futhi wathi, "Ngehora, isikhathi se—sengelosi yokugcina,

ingelosi yesikhombisa (isithunywa sesikhombisa) iqala ukubetha icilongo, imfihlakalo kaNkulunkulu isifeziwe." Niyabo? Ukubuyiselwa emuva eZwini! IBhayibheli lasho ukuthi lesisithunywa sezinsuku zokugcina siyoba ngukuthi, "Babuyiselwe ekuKholweni kwasekuqaleni futhi, babuyele ekuKholweni kwawobaba." Kodwa nicabanga ukuthi baKwemukela na? Qhabo, mnumzane. "Izinsuku zokugcina, Wayezobuyisela iZwi lasekuqaleni futhi," njengoba Asho kuMalaki 4.

178 Kodwa wayelahlekelwe amalungelo. Manje, wayelahlekelwe amalungelo aleloZwi eNayisiya. UEva walahlekelwa amalungelo e-Edene; uEva wawenqaba awakhe eKalvari. Neqembu laseNayisiya liyaLenqaba ngezinsuku zokugcina, okufanayo nje. He!

179 Kodwa ngenkathi iZwi lingena enyameni yomuntu, yena, uEva, ibandla lamaHeberu, unina wabo bonke abaphilayo bakamoya, Lona-ke, walenqaba. Wayefe kakhulu, emasikweni akhe nemibhedesho, ukuthi waLigeja. Kanjalo naleli, impela. Kulungile.

180 BayaMgeja, iZwi eliphilayo libonakaliswa enyameni, ngeZwi elithenjisiwe. IZwi lethembisa ukwenza lezizinto. Isithembiso senziwa, ukuthi kwakuzoba njengalokhu ngezinsuku zokugcina. "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ukuFika kweNdodana yomuntu." Manje bhekisisani ukuthi kwenzekani eSodoma. "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Niyabo? Bhekisisani ukuthi kwenzekani ngaleyonkathi. Niyabo? Manje, wathi kwakuzoba yinto efanayo, futhi siphila kulolosuku. Awu, futhi bekungaba, ngiqagele, bengingathola izithembiso ezingamakhulu ayisithupha azo kanjalo, emBhalweni, nje kukhomba kuso. Niyabo? Manje, kodwa, baLenqaba.

181 Wabambelela emasikweni nasesibambisweni, esikhundleni se—se . . . Wabambelela egazini eliyisibambiso, esikhundleni seGazi langempela. UJesu, iZwi, wathi, ngenkathi Libonakaliswa kuye, "Ngoba wabambelela kulamasiko . . ." UJesu, iZwi elibonakalisiweyo, wathi kumlobokazi, umlobokazi ongumHeberu, "Ngoba nibambelela emasikweni enu, nilenza libe yize iZwi likaNkulunkulu kini. Lingeke laba ngelisebenzayo."

182 Manje yileso isizathu namhlanje, ukuthi, i—izimvuselelo esifanele sibe nazo, sinezimvuselelo zamahlelo. Asikaze sibe nakho ukushukumisa kwangempela. Qhabo, qhabo, qhabo. Qhabo, mnumzane. Ningacabangi ukuthi sinemvuselelo. Asinayo. O, banezigidi nezigidi nezigidi zamalunga ebandla, kodwa akusiyo imvuselelo ayikho ndawo. Qhabo. Qhabo.

183 U—uMlobokazi ubengakabi nemvuselelo okwamanje. Niyabo? Bekungekho-mvuselelo lapho, kungekho kubonakaliswa kukaNkulunkulu ukushukumisa uMlobokazi okwamanje. Niyabo? Siyibhekile manje. Kuyothatha leyo eyisikhombisa engaziwa imiDumo emuva lapho, ukuMphaphamisa futhi, niyabo. Ya. Uyoyithuma. Wayethembisa. Manje bhekisisani.

184 Manje, waye—wayefile. Futhi manje uma amabandla abengakhohlwa yizivumokholo zawo, futhi akhohlwe yimibhedesho yawo, futhi nje athathe iBhayibheli, anxuse isithembiso, khona-ke ibingafika isebenze kuwo. Kodwa, niyabo, uJesu wathi, "Nina, ngamasiko enu, nilenza ize iZwi likaNkulunkulu kini." Awu, leyo yinto efanayo namhlanje ngoEva kamoya, niyabo, umlobokazi kamoya wanamahlanje, obizwa kanjalo, ibandla. Uthatha iZwi likaNkulunkulu, futhi akayikuLemukela. Futhi wemukela imibhedesho, esikhundleni. Ngakho-ke, iZwi alisebenzi kuye, niyabo, ngoba uzama ukujova isivumokholo sakhe neZwi, futhi akuyikusebenza. Manje, esikudingayo namhlanje . . .

185 Ngilokhu ngifunda nje lapha, *Ummemezeli wokuFika kwaKhe*, ezihlokweni zezindaba, "Sidinga umprofethi ukuba abuye! Sidinga umprofethi ukuba abuye!" Futhi ngiqagele, uma ebuya, abayikwazi lutho ngakho. Nje . . . Kunjalo. Bekuhlala njalo kuba ngaleyondlela, niyabo. "Siyaludinga," yonke into enikhuluma ngayo, "sidinga umprofethi ukuba abuye, oyoletha iZwi leNkosi, ongesabi. Sikholwa ukuthi iBhayibheli lakwethembisa."

186 Manje, ngiyazi uMfowethu—uMfowethu Moore nabo, udla kulendlu, nayo yonke enye into, umhleli. Futhi uyindoda enomoya omuhle kunawo onke e—ehamba ifake izicathulo zesikhumba, ngiqagele, omunye wabafo abanomoya omuhle kunabo bonke. Kodwa, niyabo, uyazi ukuthi sifanele sibe nakho lokho. NoDadewethu Moore, omunye wabesifazane abanomoya omuhle ukwedlula bonke, omncane . . . umfo ndini omncane, futhi bayanikela.

187 Futhi lelo ngelinye lamaphepha awedlula onke ensimini, ngokubona kwami, ngelithi *Ummemezeli wokuFika kwaKhe*. Kodwa nithola ukuthi, baqhubeka nokuqhumisa lokho, "Sidinga umprofethi! Sidinga umprofethi!" Niyabo? He! Yilokho abakhuluma ngakho.

188 Futhi manje-ke nakhu silapha, namhlanje, futhi njengayizolo nanamhlanje, simemezela emsakazweni, ukuthi . . . namabandla amaBaptisti kanjalonjalo, ukuthi, "Asifanele sifake amaKatolika, kodwa sifanele sithi ukuhlanganyela nawo." Niyabo?

189 Futhi khona lapha, uMlayezo uphuma ngqo khona lapha, ukuba, "Sidede kuleyonto enguphoyizeni!" Niyabo?

Niyabo? “Bangahamba kanjani ababili bengavumelananga na?” UKukhanya nobumnyama ngeke kwahlanganyela ndawonye. Nxa kungena ukuKhanya, ubumnyama buyaphuma. Niyabo? Kungeke . . . Okunamandla kakhulu! Ungeke wakukhiphela ngaphandle ukuKhanya, ngobumnyama. Kodwa ungabukhiphela ngaphandle ubumnyama, ngokuKhanya. Kunjalo. Futhi UngukuKhanya, futhi UyiZwi. Niyabo? Manje, nakho lapho okhona, libuyela emuva ngqo. Ungeke walenza liqambe amanga kumbe lenze noma yini engalungile. Lifika libuyele ngqo endawaneni futhi. Yebo, mnumzane.

190 Njengomunye umfo nje aqale, azame ukuqophisana nawe; uma wazi ukuthi ufanele ume kuphi, wazi ukuthi yini ayikholwayo.

191 Kufana nokuthatha unogwaja nje bese uwudedela esibayaneni, futhi uvimbe yonke imigodi. Ume esangweni nje; uzobuya. Yilokho kuphela okukukho. Niyabo? Uzofanele ubuyele emuva ngqo esangweni futhi, ngoba yileyondlela kuphela ongaphuma ngayo. Uyohloma ikhanda lawo *lapha*, futhi ucishe impela uzephule intamo; futhi uye *laphaya*, *laphaya*. Ume nje uwubhekisise, uyobuya ngqo. Niyabo? Yilokho kuphela.

192 Yileyondlela kuphela yokwenziwa. Hlala naleloZwi. Ungaqhumisa macala onke, ngezivumokholo zakho, uzephula intamo nje ndawo zonke, kodwa uzofanele ubuyele ngqo kuleliZwi. Niyabo? Yebo, mnumzane. Yikho konke kwaLo.

193 Manje, niyabo, a—a—a—abaLifuni. Abalifuni iZwi likaNkulunkulu. Ngoba wabambelela emasikweni akhe, walivimba iZwi likaNkulunkulu ukuba libe yize.

194 Kuyafana manje, kuEva kamoya. Wayengafuni . . . Ufuna ukugcina amasiko akhe, futhi adede eZwini likaNkulunkulu. Ubambelela futhi emahlelweni, nezivumokholo zawo namasiko amalunga amadala, esikhundleni sokuthatha iZwi likaNkulunkulu.

195 Futhi nxa isithembiso seZwi, ngezinsuku zokugcina, silethwa kuye, akazukuLemukela, ngoba, ngamasiko akhe, njengoba kwenza umlobokazi ongumHeberu. IZwi langempela, nakuba libonakaliswa, lifakazelwa, liqinisekiswa, angeke abe naLo. Kungani engayikuba nalo na? Ngoba nanko umfanekiso wakhe. Angekwenze. Kunjalo. Angewedlule umfanekiso wakhe. Niyabo? Futhi kubikezelwe ukuthi wayezokwenza, ngakho uzovimba kanjani noma yini na?

196 Manje into kuphela yokwenziwa ngukuba nje ujabule ukuthi uphakathi. Yilokho kuphela. Yiba ngokulindele. Kulungile.

197 UNkulunkulu wethembisa, ngezinsuku zokugcina, ukuthi Wayezobonakalisa futhi aqinisekise iZwi laKhe kuye, futhi noma kunjalo akakwenzanga. Konke lokho, uNkulunkulu wamethembisa, ngezinceku zaKhe, abaprofethi. UNkulunkulu wethembisa, ngoJesu Kristu. UNkulunkulu

wethembisa, ngoJoweli. UNkulunkulu wethembisa, ngoPawulu. UNkulunkulu wethembisa, ngoMalaki. UJohane... UNkulunkulu wethembisa, ngoJohane umambuli, bonke labobaprofethi, khona impela uMlayezo wokugcina owawuzoba yikho kuye. Manje, uma nifuna ukubabhala phansi; kusobala, nonke niyabazi: uJesu, uJohane 14:12; noJoweli, uJoweli 2:38; uPawulu, uThimothewu wesiBili 3; uMalaki, isahluko 4; noJohane umambuli, iSambulo 10, ishumi-nesikhombisa, kusukela kwelokuqala kuya kweleshumi-nesikhombisa. Niyabo, khona impela okwakuzokwenzeka manje! Futhi, ebandleni, Liyini na? IZwi elingene kumuntu lenziwe inyama phakathi kwabantu baKhe futhi! Niyabo? Futhi nje abaLikholwa.

198 Niyazi ukuthi uJesu wathini ngenkathi Ebone U... ngenkathi Enze lezozimangaliso phambi kwabo, futhi wafakazisa ukuthi WayenguNkulunkulu na? Wakufakazisa lokho, Ayekwenza. Wayekwenza. Wayenze khona impela. Wa—Wathi kubo, Wathi, "O, wena, Kapernawume, oziphakamisele ezulwini, ukuba imisebenzi yaye...imisebenzi yamandla yayenziwe eSodoma, eyenziwe kuwe, ngabe limi namuhla." Kunjalo. Futhi eKapernawume, Akazange enze lutho kodwa waphilisa abantu abambalwa, futhi wabatshela izimfihlo zezinhliziyo zabo, wayesephuma. Ehhe. Yilokho kuphela. Niyabo?

199 Abazi ukuthi imisebenzi emikhulu iyini. Bacabanga ukuthi kufanele kube wuhlelo olukhulu lapho wonke umuntu esukuma khona, nomehluleli enze inkulumo, ne—nebhendi icule, nemibala ibhakuze, na—nabesifazane abagqoke kahle, neyabo...futhi behlezi, nayo yonke iPh.D, oLL.D, nezinkulu, izigqoko ezinde, nokhololo ababhekiswe emuva, nayo yonke into, bonke bafanele bahambe bangene. "Leyo yinto enkulu."

UNkulunkulu uthi, "Lobo ngubuwula."

200 Futhi Wenyusa into encane engazi ukuthi yini umehluko phakathi mhlawumbe koABC, kul'khuni, futhi enze into eyokhela iBandla langempela ngomlilo. Nabo bonke abanye babo athi, "Isigejane sabagingqiki abangcwele." UNkulunkulu ubiza *Lokho* ngokuthi "kukhulu," nezwe liKubiza ngokuthi "ngubuwula." Izwe libiza *lokho* ngokuthi "kukhulu," noNkulunkulu ubiza lokho ngokuthi "ubuwula." Niyabo, nje kuyaphambana. Niyabo? Nento uNkulunkulu ayethembisile, uNkulunkulu uyoyenza futhi uyenzile. Niyabo? Nakhu lapho esikhona.

201 Manje, noma kunjalo, usalokhu ehlezi njengoba enza, uEva ongumHeberu. Nje wayengekwenze. Wawungavusa abafileyo; wawungabona uMoya kaNkulunkulu. UJesu wehla, Waziqinisekisa ukuthi unguMoya kaNkulunkulu. Kuqala, Waqala ukushumayela. Awu, bacabanga, "Awu, uMfo owuhlobo

oluyinqaba. Ungubani Yena, empeleni na?" Awu, into yokuqala niyazi, abantu baqala ukuthi . . .

202 Kusobala, babethe, ngaphambili, ngenkathi umanduleli waKhe efika, uJohane, bathi, "Wena unguMesiya na?"

203 Wathi, "Qhabo. Kodwa Umi phakathi kwenu ndawondawo." Ehhe. Niyabo? Ngani na? Wayazi, ngenkathi umlayezo wakhe wenzeka, ayezokwenza. Wayazi ukuthi wayezokwenzani.

204 NjengoNowa nje wayelokhu ebhekisisa uEnoke. Ngenkathi uEnoke ehamba, uNowa wathi, "Kungcono ngisondele emkhunjini. Isikhathi sesiseduze." UNowa wayelokhu ebhekisisa uEnoke. Niyabo?

205 NoJohane wabhekisisa isibonakaliso uJesu amtshela sona, noma uNkulunkulu amtshela sona, ukuba abhekisise. Wathi, "Umi khona lapha manje, ndawondawo phakathi kwenu. AngiMazi, kodwa ngiyoMazi."

206 Emi lapho, bathi, "Wena unguMesiya na?" Bathi, "Sithunywe sivela kwekomkhulu." Ehhe. Bathi, "Amalunga amadala, nabo bonke, basithumele ezansi lapha. Uma unguMesiya, awenyuki ngani futhi uzazise enhla lapho, hhayi ezansi lapha kulesisigejane sezinto ezansi lapha! Yenyukela lapho bese uzazisa."

207 Wathi, "Angisuye uMesiya." Wathi, "Ngiyizwi lomemeza ehlane."

208 Lokho kwahamba nje kwaze kweqa ikhanda labo ngangokuhamba kwakho. Babengazi lutho ngakho, niyabo, futhi nokho bonke babembheke ukuba afike. "Kodwa kwakungeke kwaba ngumfo onjalo. O, he, lokho bekungaba kubi kakhulu!"

"Ungowasiphi isikole na?"

"Asikho."

"Unalo ikhadi lakho lenhlanganyelo na?"

"Liyini na?" Niyabo?

209 Wayegcotshwe nguNkulunkulu. Wathi, "Yinye into enginayo. Izembe libekiwe empandeni yomuthi." Manje, yilokho kuphela ayilokho kuphela a—ayenakho. Wakhuluma ngamagama omhlali-mahlathini, hhayi ngamagama omfundisi wasesontweni; izinyoka, nezimbazo, nemithi, kanjalonjalo. A—akakhulumanga ngamagama obufundisi.

210 Kodwa uJesu wathi wayengakaze abekhona umprofethi onjengaye. "Akaze abekhona umuntu ozalwa ngowesifazane, onjengaye, kuze kube lusuku lwakhe." Kunjalo. "Wayedlula umprofethi." Wayeyisithunywa sesiVumelwano, wama ngqo phakathi kwezi—zimiselo zezikhathi, zingena. Niyabo? "Odlula umprofethi."

211 Futhi ngakho manje-ke—manje-ke abamazanga. Abamqondanga. Wayewuhlobo lomfo oyinqaba, ngakho bamgeja, niyabo.

212 Kwase kuthi-ke ngenkathi uJesu efika, manje-ke, futhi impela wayengezukuMemukela, lomfana wombazi, kwakungekho-lutho olunjalo, negama elimnyama emva kwaKhe, lokuthi "ozalwe ngaphandle komshado." Futhi, Yena, babengezukumbona umfo onjalo.

213 Kodwa, bukani ukuthi uNkulunkulu wenzani. Wathatha abangafundile, abampofu, abadobi, abahlali-mahlathini, abalimi, nezifebe, futhi wayekela izikhulu zihlale lapho. Ngani na? Ini na? Wakwenzelani na? Wayenzelani into enjengaleyo na? Ungathini nje? Ngenxa yokuthi labobantu baMqonda ukuthi uyiZwi. Manje ake sibabhekisise umzuzu nje.

214 Nangu umdobi omdala oyimfunda, engakwazi ukubhala igama lakhe. IBhayibheli lathi waye "ngafundile futhi eyimfunda nje." Ukhuphula inhlanzi yakhe futhi uyibeka phansi. Wehlela lapho futhi ubona ukuthi owani wonke lomsindo. Kodwa phansi le ekujuleni kuye, wayazi ukuthi iBhayibheli lasho ukuthi uMesiya . . . Onke amaHeberu ayebheke uMesiya, ngoba kwakuzobakhona into yangokomBhalo eyenzekayo nxa Efika.

215 Kwakukade kunenqwaba yomesiya, abaqubukayo base bethi, "NginguYe," futhi babachezukisa, ngamakhulu, futhi—futhi babhubha nayo yonke into. Kodwa, niyabo, lokho kwakungokokuntshinga Owangempela nxa Kufika.

216 Besinezingubo zikaElija namabhantshi, nazo zonke ezinye izinto, kodwa lokho—lokho ku—lokho ku—lokho kungokokutshinga into yangempela nxa efika. Niyabo? Kunjalo. Zonke izinhlobo zabantu owayegqoka leyomijiva nezingubo, futhi bekade bengcwatshwe ngazo zonke izinhlobo zeminqwambo ebhekiswe emuva, nayo yonke enye into. Lokho aku . . . Lokho—lokho nje kuyaqinisekisa kuphela. Njengedolambumbulu, likhombisa ukuthi likhona elihle ndawondawo, uma nje ungalithola. Niyabo?

217 Ngakho nangu Efika. Manje lezizikhulu ziyaphuma, futhi zazikakhulu esibambisweni sazo! "Ngani," bathi, "manje, uma uMesiya efika, impela Uyofika kuKayafase. Uyofika ehlelweni lethu. Uyofika kubaFarisi." AbaSadusi, "Yilokho enikucabangayo! Uyofika kubaSadusi." Futhi nampo babelapho, niyabo, into efanayo abanayo namhlanje, manje.

218 Kodwa ngenkathi Efika, kwakuxakile. Uyofika, o, ngokuphambene kakhulu nalokho ababekucabanga, kodwa Ufika ngokweZwi. Futhi abalazanga iZwi.

219 Mangisho lokho, ngempela, ukuze nizo . . . kuzozika kushone phansi. Ngifuna lokhu kukuthole. Yileyo indaba ngani namhlanje, niyabo, anilazi iZwi! Niyabo?

220 UJesu wathi, "Ukuma kwezulu niyakwazi ukukubona, kodwa izibonakaliso zesikhathi anikwazi ukuzibona."

Bathi, "SinoMose thina."

221 Ngakho, wathi, "Ukuba nemimazi uMose, beniyakuNgazi." Babengamazi uMose, futhi ngakho-ke babengazi. Bazi isivumokholo nje ababesichamsele.

222 Manje ake sithathe lomdobi omdala. Ubeka ubhaskidi wakhe phansi. Uphulula intshebe yakhe empunga, futhi uyehla, "Ngikholwa ukuthi ngizobona ukuthi Ubani."

223 Umfowabo wathi, "Woza. Asehlele lapha." Wathi, "Lowo yilowoMfo ofanayo. Lowo yilowoMfo abasho ngolunye usuku . . . Ngihlale ubusuku bonke naYe izolo ebusuku. Uyazi Johane, bengikhuluma nawe ngaye?"

224 "Ya, leyondoda yasendle ezansi lapho! Ya, ngizwile ngayo." "Awu," Simoni omdala, uyazi, wathi, "Ngizwile ngayo ezansi lapho. Ya, wayekade esezansi lapho, ezinyangeni ezimbili noma ezintathu ezedlule, ezansi lapho. Yebo."

225 "Awu, wathi . . . Futhi ngolunye usuku yayimi lapho, yasho into eyinqaba. Yathi, 'Niyazi, nangu Eza ehla ngqo manje!' Bathi, 'Wazi kanjani na?' Yabheka laphaya; uMfo ojwayelekile nje emi lapho. Yathi, 'Ngibona uMoya kaNkulunkulu, njengejuba, wehla. Ngizwe iPhimbo lithi, "NguYe lo. Lona uyiNdodana yaMi eNgithokozile ukuhlala kuYo."' Yayisiqonda ngqo emanzini yayisiMbhaphathiza, kanjalo kanjalo. Awu, lapho, wathi yayiMazi."

226 "O, angazi," USimoni wathi. "Ngizwile ngakho konke lokho, izikhathi ezininginingi." Kodwa nangu ekhuphuka. Kodwa phansi enhliziyweni yakhe kwakuyimbewu emiselwe ngaphambili. Niyabo? UJesu washo njalo. Kunjalo. Ukhuphukela kuYe. Uyakhuphuka. Wathi, "Ngizokwehlela emhlanganweni futhi ngibone." Ukhuphukela lapho.

227 UJesu wayemi lapho, uMfo omncane ojwayelekile nje. Wakhuphuka. Wathi, "Ngani, igama lakho unguSimoni. Negama likayihlo lalinguJonase." Lokho kwambohlisa. Ngani na? Leyo encane, imbewu yokuPhila okuPhakade yashaya phakathi lapho. Yebo, mnumzane.

228 Wathi, "Awulinde kancane! Kukanjani lokho na? Awuzange ungibone. Kanjalo awumazanga nobaba wami, ngoba sekuyiminyaka afa. Nakhu Wena uyeza, ungitshela lokho na? Manje, ngiyazi ukuthi iBhayibheli lithi . . ." Manje, lokho akusikho ukubuyela kulokho okushiwo yilunga elidala. "Kodwa iBhayibheli lasho ukuthi uMesiya wayezoba ngumprofethi. Nango. NguYe lowo."

229 Ngoluny'usuku Wadabula eSamariya, ehla edabula lapho nesigejane samaJuda. Wawashiya. Nalona wesifazane omncane, onegama elibi uyaphuma, mhlawumbe inenekazi elincane

elibukekayo, niyazi. Futhi lalikade likhishelwe emgwaqeni, njengentombazanyana. Futhi lalihamba lidabula lapho. Mhlawumbe lalicabanga ngento ethize. Lahamba lakhuphukela lapho lase libeka phansi ibhakede. Lase liqala ukwehlisa isigwedlo, niyazi, ukukha amanzi. Lase lizwa uMuntu ethi, "Ngiphuzise." Laqalaza, futhi nakho kuhlezi iJuda eliphakathi nendima yempilo.

230 Lathi, "Awusho, Wena awusuye umJuda na? Awufanele ukwenza lokho. Akukho emthethweni kuWe ukuba ukhulume kimi. NgingumSamariya."

231 Wathi, "Kodwa ukuba ubuwazi ukuthi Ubani okhuluma kuye, ubuyoletha . . . ubuyocela kiMi ukuba ngikuphe amanzi."

232 Lathi, "Liphi ibhakede laKho na?" Niyabo? "Iphi intambo yaKho na?"

"Awu," Wathi, "amanzi eNgiwanikezayo angukuphila."

233 "Ini?" Niyabo? "Ngani," lathi, "ngani, nonke nifuna ukukhuleka eJerusalema. Nobaba bethu bakhuleka . . . "

234 "O," Wathi, "kunjalo, kodwa," wathi, "thina maJuda siyazi ukuthi sikhuleka kukuphi. Kodwa," wathi, "niyazi, isikhathi siyeza lapho—lapho abantu bengayikukhuleka eJerusalema noma kulentaba." Wathi, "Ba—bazokhuleka kuNkulunkulu ngoMoya, ngoba UnguMoya, uMoya neQiniso." Awu, laqala ukufundisisa, niyazi.

Wayesethi, "Hamba ulande indoda yakho nize lapha."

Lathi, "Indoda yami? Angina-ndoda."

235 "Ngani," wathi, "lelo yiqiniso." Wathi, wathi, "Kade wehla wenyuka nayisihlanu, futhi uneyesithupha manje." Wayesethi, "Ubunayisihlanu. Futhi—futhi, wena, uyazi. Ukhulume iqiniso."

236 Bhekisisani! Kwakuyini na? Lokho kuKhanya kwashaya leyombewu. Yayikade ilele lapho, eyakhulunywa nguNkulunkulu. Yebo, mnumzane.

237 Imbewu yayisemhlabeni. Ngenkathi uNkulunkulu egudluza amanzi, nelanga layishaya, iyaphuma. Kunjalo. Niyabo? Yilokho kuphela eyayikudinga, kwakuyilanga. Yayidinga ukukhanya nje. Yebo, mnumzane.

238 Kwase kuthi-ke ngenkathi uMoya oNgcwele, kuYe, wadedisa impilo yakhe edlule, wase uyikhombisa kuye, lokho kuKhanya kwayishaya. Lathi, "Nkosi, ngiyabona ukuthi UngumProfethi wena." Lathi, "Manje, siyazi, ngiyakwazi, ukuthi nxa uMesiya efika, yilokho Azoba yikho. Futhi besingenaye umprofethi amakhulu eminyaka. Besingakaze sibe nomprofethi weqiniso, amakhulu eminyaka." Lase lithi, "Ungitshela kanjani ngendoda yami, futhi wangitshela ukuthi mangaki ebenginawo, kanjalonjalo. Ngani," lathi, "Angikuqondi lokhu." Lathi, "Nxa

uMesiya efika, awu, uzokwenza lokho. Kodwa Wena Ungubani na?"

Wathi, "NginguYe."

Kwakuyilokho-ke. Niyabo? Isifebe!

239 Nabapristi baqalaza base bethi . . . Awu, bazofanele baphendule enhlanganweni yabo. Bathi, "Ungazilulazi ngalowoMfo. U—Ukhwelwe ngudeveli. Yilokho kuphela." Manje, yilowo umehluko. Leyo yinto efanayo namhlanje. Niyabo? Into efanayo manje, ishaya khona impela. Ya. Yebo, mnumzane.

240 Lona, lalazi, ngoba ukuKhanya kwaYishaya. Ba se-. . . Labobadobi, abahlalimahlathini, abalimi, abathelisi, izifebe, babonile kuYe ukuthi imiBhalo elula yathi Wayezokwenzani. NabaFarisi abakwazanga ukubona, ngenxa yesiko labo. [UMfowethu Branham uthi ukuthula kancane futhi uthi ukumisa umzimba ngenye indlela. Ibandla liphendula ngokuvuma—Umhl.] Abakwazanga ukubona, ngenxa yamasiko abo. Kodwa isifebe, abalimi, nabo bonke, baKubona, wonke lowo owayemiselwe ngaphambili. Ngenkathi ukungabaza kugingqika, imbewu yasuka yamila. Kunjalo.

241 Lenzani na? Lathi, "Awu, ngiyajabula ukuthi ngidibane noMesiya"? O, qhabo, mfowethu. Lasuka laqonda emzini. Lakhohlwa amanzi. Lathi, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile. Kungebe yini yiyo impela into umBhalo othi uMesiya uzoyenza na? Lokhu akusikho yini lokho impela na?" Nabantu babekwazi ukubona leyonto efanayo.

242 Njengoba uJesu Kristu asho, kuJohane oNgcwele 14:12, kwakuzokwenzeka futhi. Wakusho futhi kuLuka, ngenkathi Ethi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa." Ukuthi UNkulunkulu Wazibonakalisa kanjani kuMuntu, futhi washo ukuthi ubani owayesemva kwaKhe; nokuthi uSara wenzani, ehleka ethendeni. Nayo yonke lemiBhalo, kaMalaki, kanjalonjalo, wabikezela ngezinsuku zokugcina. AmaHeberu 4 asho, lapho "iZwi" libuya. UMalaki 4 wathi Lalizobuya ngomuntu. AmaHeberu 4 athi, "IZwi likaNkulunkulu lahlulela imicabango osenhliziyweni."

243 Futhi bangakubona kwenziwa, futhi bavele basuke ngqo kukho. Amasiko abo ayakucashisa futhi akwenze kube yize. Awu, silapha nje. Yilokho kuphela. Ehhe.

244 Niyazi, Wayengenza into efanayo namhlanje. Wayengafika ngqo enkundleni futhi aveze izinto ezifanayo Azenza ngalenkathi, njengoba Athi Wayeyozenza. Niyabo? Wethembisa ukukwenza. Wethembisa ukukwenza. Futhi uma Wayezokwenza into efanayo, isithunywa saseLawodikeya sifanele sikwenze.

245 Bese kuthi-ke uma ibandla laseLawodikeya likubona kwenziwa, bayokwenza khona impela njengoba ibandla lamaHeberu lenza ekuqaleni. Akunandaba ukuthi

Liqinisekiswa kahle kangakani, o, babezokwenza, noma kanjani. O, he!

246 Manje, Lithi kwakuyokwenza. Sasizobuyela eZwini lasekuqaleni, futhi libonakaliswe njengoba kwethenjiswa, ukubuyisela futhi ukuKholwa, ukukholwa kwasekuQaleni, futhi. Futhi uma Azazisa Yena uqobo ukuthi Wayehlezi phakathi kwabantu baKhe, ngokwenza lezizinto; Wakwazi ngisho nokuthi isithombe saKhe sithwetshulwe, kufakaziswa ngokwesayense. Futhi basalokhu bengakukholwa. Futhi kufakazisiwe, wavumela iso lomshini wekhamera liMbambe emi lapho, leyoNsika yoMlilo efanayo, onguye izolo, namuhla, naphakade, amaHeberu 13:8, ukukhombisa ukuthi—ukuthi kungokwesayense, nayo yonke enye indlela, ngokwesayense ezindaweni zamazinga kamoya. Ngandlela zonke kungaqinisekiswa, kuqinisekisiwe.

247 Futhi, niyazi, bayokwenza into efanayo cishe. Cishe bayovele nje basuke bahambe futhi benze into efanayo njengoba benza.

248 O, Nkulunkulu sisize! O! Sizoma lapha nje. Kodwa, Nkulunkulu sisize ukuba sibone manje, umkhuleko wami, njengoba siza manje. Isizathu, angifuni ukunihlalisa kuze kwedlule isikhathi. Nkulunkulu sisize ukuba sibone. Ngiyakholwa mhlawumbe, uMoya phezu kwethu, uzoba khona manje ukuthi Ezosisiza ukwembula, avule loluPhawu.

249 Asifunde. Njengoba sibona isimo ibandla elikuso, siyabona lapho elibe khona, sabona abakwenza, sabona lapho elalifanele lize khona, sikubona lapho, futhi sibone ababefanele bakwenze. Benza lokho nje. Manje niyabona lapho esikhona na? Kwenze wena ukwehlulela. Mina ngeke ngehlulela. Nginomthwalo nje wokuletha leliZwi. Njengoba nje nginikwa Lona, ngingaLinikeza. Lize Linikwe mina, ngeke ngaLinikeza; akekho omunye ongalinikeza.

> *Kuthe selivula uphawu lwesithathu, ngezwa isidalwa sesithathu sithi, Woza ubone. Ngase ngibona, futhi bheka nanto ihashi elimnyama; nohlezi phezu kwalo ephethe isilinganiso ngesandla sakhe.*
>
> *Ngase ngizwa kungathi izwi phakathi kwezidalwa ezine* lithi, *Imbenge kakolweni ngodenariyu, nezimbenge ezintathu zebhali ngodenariyu;* kodwa *amafutha ne . . . wayini ungukoni.*

250 Manje, iWundlu liphethe iNcwadi esandleni saLo, lephula iziMpawu. Selephule olulodwa, olwesibili, futhi manje lephula olwesithathu. Futhi lapho Lilwephula, iWundlu liyalwephula, uPhawu lwesiThathu, isiDalwa sesithathu . . .

251 Manje bangaki owaziyo ukuthi isiDalwa sesithathu sasibukeka sifana nani na? Sasibukeka sifana nomuntu. Esokuqala sasibukeka sifana nengonyama; esinye sasibukeka sifana nenkonyane, noma inkabi; nesesithathu sasibukeka sifana

nomuntu, njengomuntu. Futhi wezwa i—iSidalwa esiphilayo, i—isiDalwa. ISidalwa esiphilayo, njengomuntu, sathi kuJohane, "Woza, ubone ukuthi Luyini, lemfihlakalo ebififihliwe." Kwehle njalo ngeminyaka yokuhlengwa, selokhu kwasekelwa izwe, Bekufihlwe phansi kwaloluPhawu, okuzokwenzeka. Manje, "Woza, buka ukuthi Luyini."

252 Futhi ngakho LiyaLuvula gelekeqe. Kuqhuma umdumo, neWundlu livula iziMpawu.

253 Manje, noJohane uyakhuphuka, ukuba abone ukuthi Lwaluzoba yini. Wabonani na? Ubone ihhashi elimnyama. Nomgibeli walo wayenesilinganiso, noma isikali, esandleni sakhe. Manje, leyo yinto yokuqala ayibonayo. Ngenkathi iWundlu liLumemezela, lephula uPhawu, kwase kuthi esinye isiDalwa . . . Niyabo, lezoziDalwa ziyajika, mayelana nokumemezela, "Woza, ubone." Futhi uJohane, lapho ayemi khona, mhlawumbe *kanje,* uya ngapha, ngenkathi iWundlu livula, wayeseya ngale. Ngokwejwayelekile . . .

254 Umdumo uyashaya, njengoba sibone uPhawu lokuQala. Futhi uyabhekisisa ukubona ukuthi kwenzekani. Futhi ubona umuntu eza, kuqala, esehhashini elimhlophe. Uyambhekisisa egibele ehla. Futhi ehle njalo, uJohane uyambona aze ayothi ngqu ekupheleni. Umbona eza ehla, ihhashi lakhe elimhlophe, enomnsalo esandleni sakhe, nom—mgibeli unawo, futhi akanamicibisholo kuwo. Nento elandelayo ayibonayo, uthola umqhele, ugibele ngqo aqhubeke njalo.

255 Bese siyathola-ke, manje-ke, iWundlu, nanti liza futhi, Livula olunye. Futhi uyabuka. Manje nakhu kuza i—ihhashi elibomvu. Lomuntu unenkemba esandleni sakhe. Ugibela ngqo ehle njalo emBhalweni, niyabo, nalenkemba esandleni sakhe, futhi wayezobulala futhi asuse ukuthula emhlabeni.

256 Manje iWundlu livula olunye uPhawu. Esinye seziDalwa eziphilayo, njengomuntu, sathi, "Woza, ubone." Manje uyakhuphuka, abone ukuthi yini le. Futhi uma ekwenza, nakho kuza umgibeli esehhashini elimnyama.

257 Manje, izolo ebusuku, sithole ukuthi umgibeli ofanayo owagibela ihhashi elimhlophe wayesenguye lowo ogibele elibomvu.

258 NePhimbo lathi, phakathi kweziDalwa ezine, lamemeza, niyabo. Lapho, uza ukuzobona ukuthi kwakuyini: Wayekulesi iziDalwa eziphilayo. Wayesebona lelihhashi elimnyama.

> *Futhi* ngenkathi . . . *izwi phakathi kwezidalwa ezine* lamemeza, *Imbenge kakolweni ngodenariyu, ne—nezimbenge ezintathu zebhali ngodenariyu;* kodwa *a—amafutha newayini ungakoni.* (Niyabo?)

259 Lomgibeli, asixoxe ngaye. Uma nizoqaphela umgibeli wokuqala, ukuthi wayengubani. Futhi siyathola, izolo ebusuku,

ngokomBhalo, ukuthi umgibeli wesibili wayesalokhu enguye ngqo lowomuntu ofanayo, kuphela wayesekwelinye ihhashi. Kwenzekani na? Washintsha inkonzo yakhe. Niyabo? Kunjalo. Sithola ukuthi wayengumphikukristu, futhi wayeseshintshe indawo eyisikhundla sakhe.

260 Sithole ukuthi ngenkathi yena, kuqala, ihhashi elimhlophe nje, uba yimfundiso. Manje, sithathe zonke ezalezi sazibuyisela ngqo emiBhalweni. Niyabo?

261 Manje, bhekisisani ukuthi sikuphi, kulobubusuku, lowo omunye unyaka webandla manje. Niyabo? Sehlela neno onyakeni webandla wesithathu manje. Niyabo? Khona impela nje onyakeni webandla wesithathu, ufana impela nje nehhashi lesithathu. Niyabo?

262 Manje, unyaka webandla wokuqala, kwakuyini na? AmaNikolawu ayenemfundiso, niyabo, nje owokuqala. Kulungile. Bese kuthi-ke, into yokuqala esiyaziyo, lemfundiso yamaNikolawu, iba ngevunyelwayo futhi yalunga, yasebenza. Base bemthwesa umqhele lomfo. Kwase kuthi-ke, lomoya, umphikukristu, uba ngongene kumuntu. Niyabo? Futhi siyathola, kamuva, uba ngongenwe ngudeveli, futhi; idemoni liyasuka, nodeveli uyangena.

263 Futhi njengoba nje lelobandla liwulolohlobo, ibandla lomphikukristu, liqhubekela phambili; kanjalo noMlobokazi ufika nezinto ezehlukile: ngokulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, futhi liqhubeka ngqo, niyabo, kanjalo nje. Kuphela, bathathe imvuselelo kuqala, neBandla liyithatha ekugcineni. Iminyaka yabo emithathu yokuqala. . .izigaba ezintathu zokuqala zalabo abedlula onyakeni wesikhathi sobumnyama; bese kuba esesithathu, izigaba ezintathu, kuphuma iBandla; lisuka ekulungisisweni, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, uNkulunkulu ongene kumuntu wabonakaliswa phakathi kwethu. Nangu engena, njengomphikukristu, njengomprofethi wamanga, bese eba yisilo, bese eba sonyakeni wesikhathi sobumnyama. NeBandla liyaphuma kulowonyaka wesikhathi sobumnyama; ukulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, iZwi elingene kumuntu, indlela manje. Useyehla-ke. Ehhe. Niyakubona lokho na? Uyehla. IBandla liyakhuphuka. Niyabo? Kuphelele nje ngakho konke. O, kuhle. Ngiyakuthanda nje.

264 Lomgibeli nguye lowo, kodwa esinye isigaba senkonzo yakhe.

265 Isigaba sokuqala, ihhashi elimhlophe, niyabo, wayesenguthisha nje, uthisha ongumphikukristu nje. Wayemelene neZwi likaNkulunkulu.

266 Futhi manje ungaba kanjani ngumphikukristu na? Wonke umuntu ophikayo ukuthi lonke iZwi lalokhu alisilo iqiniso,

nokuthi lifundiswe ngokufanayo nje, ungumphikukristu, ngoba baphika i—i—i—i—iZwi. Futhi UyiZwi.

267 Manje, isigaba sokuqala, ihhashi elimhlophe, wayenguthisha nje, kodwa umoya womphikukristu emfundisweni yawo nobunjalo bawo. Wawumsulwa. Wawungalimazi lutho, ubonakala kanjalo; uqhubeka nje. Yileyondlela uSathane angena ngayo. O, uyinyoni ehlakaniphe ubuqili.

268 Watshela uEva, wathi, "Manje, uyazi ufuna ukuhlakanipha. Awukwazi okulungile nokungalungile." Wathi, "Manje, ukuba amehlo akho abevulekile, ubuyokwazi ukuthi kuyini." Wayesethi, "Isithelo siyabukeka impela. Sihle. Si—siyabukeka emehlweni. Ufanele usithathe manje. Awazi noma siyabukeka, noma qha, uyazi na?"

"Qhabo, angazi. Kodwa uNkulunkulu uthe akungenziwa."

"Kodwa, o, awu, ngiyazi, kodwa . . . "

"UNkulunkulu wathi U . . . siyofa."

269 Wathi, "Impela Angeke akwenze lokho." Niyabo, kamnandi nje ngakho konke. Bukani ukuthi kwenzani.

270 Bhekisisani lowomoya womphikukristu uvuka phakathi kwebandla lasekuqaleni, imfundiso yamaNikolawu. *Nikao*, "nqoba" abantu-nje abangesibo abefundisi, yenza umuntu ongcwele. O, kufana nje ne inn- . . . "Awu, sifuna nje inhlanganyelo. Ngani, nihlakazekele phandle lapha; akukho-muntu owaziyo ukuthi akukho-muntu okuphi. Ngicabanga ukuthi sonke besifanele sibe nenhlangano futhi nje sehluke. Niyabo, siyahamba, sizihlanganise. Besifanele senze idlangala kukho." Futhi kuyilokho-ke. Ayikho into ethiwa yiBandla lamaKristu eliyiMethodisti. Lelo akusilo iBandla; lelo yidlangala. IBaptisti, lelo akusilo iBandla; yidlangala.

271 Linye kuphela iBandla, nalowo nguMzimba ofiphele kaJesu Kristu. Futhi uyazalwa kuLowo, kunjalo, ngokumiselwa ngaphambili. Kunjalo. "Konke uBaba aNgiphe khona kuyakuza. Akekho ongeza kimi ngaphandle uma ebizwa nguBaba. Nakho konke Angiphe khona, kuyakuza kiMi." Ngakho, lokho, yilokho-ke. Uvele nje . . .

272 IWundlu lihlala lapho, lenza—lenza ukumela, kuze kungene owokugcina. Insimbi encane iyakhala, bese Liphuma futhi lithatha okungokwaLo-ke, niyabo, yilokho kuphela; liletha iBandla laLo eKhaya, izikhonzi zaLo. Bese liphosa isitha saLo eChibini loMlilo, nazo zonke ezezikhonzi zalo zingene lapho kanye nalo, futhi yilokho. Khona-ke siphumela esikhathini seminyaka eyiNkulungwane.

273 Umgibeli ofanayo, manje. Lesisigaba sokuqala, wayemsulwa. Nesesibili, manje, uma uthe ukukhuphuka kakhudlwanyana, kakhudlwana kunalokho; isigaba sesibili, iBhayibheli lathi wayezo "nikwa umqhele." Base bethwesa

umuntu umqhele, isiqhwaga. Niyabo, wethweswa umqhele! Futhi, manje-ke, iBhayibheli alimbizanga ngophapha. IBhayibheli lambiza ngo “mprofethi wamanga.” Ngani na? Ya. Kusobala, ufanele abe ngumprofethi wamanga, ngomoya wakhe womphikukristu, owafundisa umphikukristu ngokumelana neZwi lasekuqaleni. Isizathu, uma afundisa okumelene neZwi lasekuqaleni, kwakungumphikukristu. Kwakunguye. NeZwi linguNkulukulu, niyabo, uKristu. Kulungile. Manje, emva kwalokho, simthola ethweswa umqhele. Futhi ngenkathi ethola umqhele, manje, umsulwa impela futhi akanalusizo. Ungumfo omncane nje.

274 Kodwa manje-ke eMkhandlwini waseNayisiya, wenziwa wona, noConstantine umnika yonke impahla. Futhi-ke wenzani na? Manje-ke yena, niyabo, uSathane, umnika isihlalo sakhe sobukhosi negunya. IBhayibheli lasho njalo, njengoba sedlule kukho.

275 Manje, into elandelayo esiyitholayo, ukuthi udeveli ulawula zonke ezombusazwe oke wabakhona noma oyoke ubekhona. Siyakuthola lokho kuMathewu 4:11. Futhi manje siyathola, manje-ke, ukuthi uSathane usevele ube nazo ezombusazwe.

276 Kodwa uzama ukuthola iBandla, ngakho uyehla ukuLidukisa. Uthatha isiqhwaga sakhe, usisebenzela enhlanganweni, futhi usethwesa umqhele “umbambeli,” niyabo, ukristu. UKristu wama esikhundleni sikaNkulunkulu. Niyabo, lomfo ungumbambeli, esikhundleni sikaNkulunkulu. Niyabo? Kuyafana nje, “esikhundleni sikaNkulunkulu,” afanele ukuba yikho, umbambeli phansi kukaKristu.

277 Manje, manje, ngenkathi enza lokho, manje-ke wayesenzani-ke na? Yena, uSathane, wathatha amandla akhe ezombusazwe, ayesevele ezengamele, wathatha amandla ezenkolo, ayesevele ethweswe umqhele, wayesewahlanganisa ndawonye.

278 Wayese-ke emenzela omunye umqhele phezu kwesihogo. Bese kuthi labo asebadlula, uma bengakhokha imali eyenele, wayezobakhipha. Niyabo? Ngakho manje ungu—ungumbambeli phezu kweZulu, phezu kwesihlanzo, njengoba efuna ukukubiza. Ayikho into enjalo eBhayibhelini, niyabo, kodwa wayefanele enze into ethile. IBhayibheli lathi kuphuma kwalasha, futhi kubuyela emuva ngendlela efanayo. Futhi, emhlabeni, umbusi!

279 Manje wayesenikwani-ke na? Kuqala, wayenomnsalo, kodwa wayengenamcibisholo. Kodwa manje usenenkemba enamandla esandleni sakhe. Usengenza into ethize manje. Manje-ke ugxuma wehla ehhashini lakhe elimhlophe; ihhashi elimhlophe ligibela liyaphuma. Manje ugxamalazela ini na? Ihhashi elibomvu, igazi, ihhashi elibomvu-igazi. Ugibela lelo ngempela. O, impela. Manje usenikwe amandla amakhulu nenkemba enkulu, ukuba abulale, manje-ke usegibela ihhashi lakhe elibomvu-igazi.

280 Siyabona, kusukela oPhawini lwesiBili, olwephulwe izolo ebusuku, wayesesuse ukuthula emhlabeni futhi babulalana. Nabakhe uqobo bokufelukholo, bebandla eliRoma Katolika, kukhombisa ukuthi babulala amaProtestane ayizigidi ezingamashumi ayisithupha-nesishiyagalombili, kusukela esikhathini sikaHippo oNgcwele ka . . . emva kuka-Augustine oNgcwele waseHippo, kuze kube amakhulu ayishumi nesihlanu namashumi ayisishiyagalombili nento. "Izigidi ezingamashumi ayisithupha-nesishiyagalombili." *Inguquko Enkulu* kaSchmucker, uma ufuna ukukufunda, *Inguquko Ekhazimulayo*, njalo, niyabo. Manje, izigidi ezingamashumi ayisithupha-nesishiyagalombili eziqoshwe kweyokufelukholo! Ngenkathi omunye wababo ababizwa ngokuthi abangcwele ethola isambulo sokuthi noma ubani ongavumelani nebandla lamaRoma ufanele afe njengokholwa okuphambene nokukholwa okwejwayelekile, lokho nje kwababeka ngapha nangapha-ke. Mfana, wahamba echitha igazi! Wa—wagxumela ehhashini lakhe elimhlophe . . . ehhashini lakhe elibomvu, futhi wahamba ukuyogibela. O!

281 Manje amandla akhe amakhulu ayafika. Wenziwa umbambeli waseZulwini, futhi wakhonzwa njengoNkulunkulu. Umbusi womhlaba, ngokuhlanganisa ibandla nohulumeni ndawonye, wamenza umbusi emhlabeni; umnika umqhele phezu kwalokho. Engakhulekela imiphefumulo iphume esihlanzweni. Ekwazi futhi uku interce- . . . Wayefana noNkulunkulu nje, emhlabeni, esikhundleni sikaNkulunkulu. Ndawonye, wayenamandla amakhulu ukubulala yilowo nalowo owayengavumelani nomyalo wakhe. Ubani ozosho noma yini kuye na? Ibandla ngeke lasho lutho; uyinhloko yalo. Uhulumeni angeke asho lutho; uyinhloko yakhe. Ngakho, bafa ngezigidi. Onke lawomabandla amancane, mfowethu, aqhunyiswa, futhi abulawa futhi abulawa ngamabomu, futhi anikelwa emabhubesini, nayo yonke enye into. Niyabo? "Udrako," iRoma, "umnika isihlalo sakhe sobukhosi negunya." IBhayibheli lasho njalo. Niyabo? Ngakho wagibela elakhe elifanekisiwe, ihhashi elibomvu ngegazi labantu, laze laba yihhashi elibomvu.

282 Manje uJohane umbona ehhashini elimnyama. Ushintshile, enye into.

283 Manje ngizofanele ngi—ngisho lokhu ngendlela nje okufika ngayo kimi. Bese kuthi-ke futhi uma kufika kimi futhi akwangaqhathaniseka nayo yonke imiBhalo, khona-ke uNkulunkulu akakunikezi neze. Niyabo, imiBhalo izofanele, yonke, ngeyodwa nje enkulukazi—into enkulu kanjalo. UmBhalo uzofanele uvumelane nomBhalo. Futhi noma yini ephambene nomBhalo . . . Uma leyoNgelosi yeNkosi ingitshele noma yini ebingesikho okomBhalo, bengingeke ngiYikholwe. Niyabo?

284 Ngathi, lapho eChicago ngolunye usuku, ngenkathi amakhulu abefundisi . . . Ngabe ukhona owayekhona

kulowomhlangano na? Impela. Lowomhlangano eChicago, ngathi, "Manje, nonke nikhuluma ngokuthi nine . . . Benicabanga ukuthi beningisontela phakathi lapha, ngento ethize." Cishe njengoba kunjalo kulelikamelo manje. Ngathi, "Kuyini na? Ninakho kumelene nami." Ngathi, "UMoya oNgcwele ungikhombisile, ebusukwini obuthathu obedlule, lapho nonke enaniyoba khona. Futhi asibanga kulokho . . . Buzani uCarl lapha ukuthi lokho ngabe akunjalo yini."

285 Futhi kwakukhona uHank nabo bonke abanye, "Kunjalo." Nonke nanilapho ukuba nizwe.

286 Ngathi, "Manje nimelene nami, ekuFundiseni kwami. Yileyo indaba. Manje ngifuna omunye wenu ukuba eze lapha, bese uthatha iBhayibheli lakho ume eduze kwami, futhi uqinise ukuthi Akuqinisile." Kwakuyisigejane esithule du kunaso sonke kowake wasizwa. Ngathi, "Yinindaba ngani na?" Ngathi, "Manje-ke, uma nazi ukuthi ningeke nasukuma nimelane neZwi, khona-ke sukani emva kwami. Nina boDokotela bezobuNkulunkulu nayo yonke into, futhi nikhuluma ngokuthi kanjani, uzethula njengo 'Dokotela,' 'Dokotela,' 'Dokotela.' Futhi ngiyi . . . " (O, uMfowethu Woods nami sithi "cheechaker," noma, "isithithithi.") "Anginamfundo, angikaze ngedlule ekholiji lezenkolo noma isikole. Kodwa thatha iBhayibheli lakho bese uza lapha futhi ume eceleni kwami, uqinise ukuthi inzalo yenyoka ayinjalo, umbhaphathizo eGameni likaJesu, kumbe noma yiyiphi yalezozinto engizifundisayo." Akukho-muntu owathi vu. Nonke niyakwazi lokho. Leso kwakuyisigejane esithule du kunaso sonke owake wasibona.

287 Niyabo, bakikiliga nje sengathi angazi ukuthi ini. Manje, manje nakhu. Angikholelwa ekuqophisaneni nabantu, kodwa uma sekufika endawaneni lapho bezama khona ukukuhudulela kukho. Futhi ngangingeke ngihambe, kodwa uMoya oNgcwele wangitshela, wathi, "Qhubeka uwelele lapho. Ngiyoma ngakuwe."

288 Wabatshela, kusasele isikhathi esiyizinsuku ezintathu noma ezine. Nonke nanilapho futhi namuzwa uMnu. Carlson nabanye, no—noTommy Hicks. Nabobonke bahlezi lapho. Ngase ngihamba, kusasele izinsuku ezintathu, ngase ngithi, "Nizodingeka niyikhansele leyondawo."

289 Kwakungubusuku obunesiphepho. Nganginomhlangano. Wathi, "Hamba, ume kulelofastela, kulowomnyango omncane wesithathu lapho." Ngase ngiya lapho ngase ngima phakathi lapho ngqo. Ngabuka ngaphandle kanjalo.

290 Wathi, "Bakubekele ugibe. Bazokucela ukuba ukhulume kuleyoNhlangano yabeFundisi yeChicago eNkulu kakhulu." Wathi, "Bakubekele ugibe, ngokufundisa kwakho ngeZwi laMi."

291 Wathi, "Manje, bazoyikhansela leyondawo laphaya. Abazukuyithola. Futhi bazofika endaweni, lapho insundu

khona." Wathi, "Ibukeka kanje." Ngama, ngase ngizibona ngisekhoneni; ngabuka emuva lapho ngase ngibona. Ngibabone bonke lapho. Ngababona bonke labobefundisi behlezi lapho, indlela ababeyiyo. Ngababuka ndawo zonke. Futhi Wathi . . .

292 "O," ngacabanga, "Kungcono ngingayi-ke, Nkosi, uma bezokwenza lokho. Angifuni ukulimaza imizwa yabo kumbe ngenze noma yini engalungile."

Wathi, "Hamba. Ngiyoma ngakuwe." Wakwenza. Kunjalo.

293 Manje, nina nonke, kunofakazi khona lapha, babehlezi khona lapho futhi bayazi ukuthi lokho kuyiqiniso. Kunjalo. Awu, ninawo amateyipu, futhi. Kodwa, nakho lapho enikhona, niyabo.

294 Manje, manje nansi imfihlakalo yalokhu. Futhi manje, Lona, ngenkathi Lwembulwa kimi kusesekuseni kulokhu ukusa, kungakasi. Ngase ngiya masinyane emBhalweni futhi ngiqala ukubuka, ngikuhlolisisa. Nakho lapho okwakukhona. Zontathu, kuze kube manje, kuthe ngokoqobo, ngokungaphezu kwemvelo zembulwa. Ya. Manje nansi imfihlakalo yehhashi elimnyama, ngokwalokho eyembulwa ngakho kimi.

295 Waqala ukuligibela ngesikhathi seminyaka yezikhathi zobumnyama. Lalimele lokho-ke ihhashi elimnyama, iminyaka yezikhathi zobumnyama, ngokuba kwakuyisikhathi saphakathi kobusuku emakholweni eqiniso elalisele. Bhekisisani manje kulowonyaka webandla, lowonyaka webandla ophakathi nendawo, unyaka webandla wesikhathi sobumnyama. Bhekisisani ukuthi Usho kanjani, "Unamandla amancane nje." Kwakuphakathi kobusuku kuwo, ekholweni leqiniso. Manje bhekisisani. Ngempela lonke ithemba lase lisusiwe eBandleni leqiniso, ngokuba lomfo wayelawula kokubili ibandla nohulumeni. Azokwenzenjani na? Niyabo, ubuKatolika base bengamele, kokubili ibandla nohulumeni. Futhi wonke, owayengavumelani nobuKatolika, wayebulawa. Yingalesosizathu wayesehhashini elimnyama. Futhi bhekisisani ukuthi imnyama kanjani into ayenzile, niyabo, khona-ke ningabona. Futhi nivele nje . . . Uma niwazi umlando wenu, ubhekisiseni, khona-ke nizokwazi . . . Awu, anizukudingeka ngisho nokuthi niwazi, u—ukwazi Lokhu. Manje bhekisisani. Lonke ithemba lalingasekho. Lelo ihhashi lakhe elimnyama.

Manje, wagibela ehhashini lakhe elimhlophe, ubuqili.

296 Wayesenikwa amandla-ke; wathatha ukuthula, wabulala ngokuceka izigidi. Yilokho ayezokwenza lapho egibele edlula. Futhi usakwenza. Niyabo?

297 Manje, nangu usehhashini lakhe elimnyama manje, ephuma. Unyaka wesikhathi sobumnyama, leso kwakuyilesosikhathi. Ngaphambi nje cishe kwesikhathi emva kokuba ibandla selithole ukuthi lihleleke kahle, futhi langena emandleni, bagqiba yonke enye into. Futhi bedlula, cishe, amakhulu

ngamakhulu ngamakhulu onyaka, yilokho wonke ofundayo akwazi njengeminyaka yezikhathi zobumnyama. Bangaki okwaziyo lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Impela, iminyaka yezikhathi zobumnyama. Nanto ihhashi lakho elimnyama, limele lowonyaka wesikhathi sobumnyama. Manje, onke amathemba engasekho; lingasekho nhlobo ithemba. Yonke into yayibukeka imnyama, emakholweni amancane. Manje, yingalesosizathu libizwa kanjalo, limele, ihhashi elimnyama.

298 "Izilinganiso zakhe, noma izikali zakhe, esandleni sakhe," niyabo. Ememeza, "Imbenge kakolweni ngodenariyu, nezimbenge ezintathu zebhali ngodenariyu." Niyabo, empeleni, lokho ngukuthi, ukolweni nebhali yizinto zemvelo zokuphila. Senziwe ngalokho-ke isinkwa nezinto. Kodwa, niyabo, wayekhokhisa ngalokhu. Okukuchazayo, ukuthi, wayekhokhisa izikhonzi zakhe ngohlobo lwethemba lokuphila ayeluthumela kubo, ngokwenza . . . Waqala ngaso lesosikhathi, sokubenza bakhokhele imikhuleko, ekhokhisa ngomkhuleko. Basakwenza; ukuzinikela ngemithandazo eyisishiyagalolunye.

299 Isizathu, wayenzani na? Ephanga umcebo womhlaba. Lesisikali, ekala, "Imbenge kakolweni ngodenariyu; izimbenge ezintathu zebhali ngodenariyu." Umgibeli ehhashini elimnyama, niyabo, wayenza . . . ehhundula izikhonzi zakhe imali yazo. Kanti, iBhayibheli libikezela ukuthi uphethe, cishe, umcebo womhlaba. Njengoba sishilo izolo ebusuku ngeRashiya, nakho konke lokho, bathatha nje yonke imali bese nje behhundula abantu ngayo yonke into abanayo, yonke into. Ngakho, nakho lapho okhona.

300 Manje qaphelani. Niyabona ukuthi kukuphi lokho kuthathwa kwemali okudala, ebandleni, okuvela khona na? Dedani kulezozinto; ukwakha inhlangano, into ethize enkulu, izigidi zamadola lapha. Futhi—futhi niyabona ukuthi unina wakho uyini na?

301 NgiyaKubonga, Nkosi. O, he! Ngijabula kakhulu. Yebo, mnumzane. Kulungile. Bekungumusa waKhe. Yilokho kuphela. Kulungile. Kulungile.

302 Kwakuyisikhathi saphakathi kobusuku. Seniyakuqonda lokho manje na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Futhi lapha uyakhokhisa ngohlobo lokuphila, lokho yibhali lakhe nezinto, zemvelo; kwakungesikho okomoya, manje. Kwakuyibhali, niyabo, ngakho, nesinkwa sebhali nesinkwa sikakolo. Wayekhokhisa ngalolohlobo lokuphila ayelunika izikhonzi zakhe. Ekhokhisa ngomkhuleko ngabapristi, ukukhuleka abantu baphume esihlanzweni. Ekhokhisa! Manje ngikukhipha lokhu emlandwini ngqo. Ekhokhisa ngakho, ngiqagele, ngukuzinikela ngomthandazo oyisishiyagalolunye, ngiqagele, wonke umuntu akwaziyo ukuthi kuyini. Ukuzinikela ngomthandazo oyisishiyagalolunye, ngiqagele yileyonto ofanele

uyenze, uyazi, ukuzihlawulisa okuthize. Umuntu uzofanele akukhokhise ngalokho. Eletha umcebo womhlaba kuye, ungene kuye uqobo, ungene ebandleni qobo lwalo. Futhi usagibele. O, impela unjalo. Yebo, mnumzane. Usagibele!

303 Qaphelani. Nansi ingxenye enhle manje. Qaphelani.

. . . leliwayini namafutha *ungakoni*.

304 "Okuncanyana nje kwaKho kushiywe lapho, kodwa ungakuthinti Lokho!"

305 Manje, amafutha yi . . . afanekisa uMoya, uMoya oNgcwele. Ngizoninika amavesi ambalwa uma nifuna. KunemiBhalo emibili. KuLevitikusi, 8:12, lapho uAroni, ngaphambi kokuba angene, wayefanele agcotshwe ngamafutha, niyazi. NakuZakariya 4:12, ngamafutha eza, ewathulula ngemibhobho, wayesethi, "Lona nguMoya waMi, amaFutha." Enye into, uma ufuna ukubona uMathewu, 14 . . . 25, kwakunentombi eyisiwula, noma 25:3, intombi eyisiwula yayingenamaFutha, ingenaMoya. NakuMathewu 25:4, intombi ehlakaniphile yayinamaFutha esibanini sayo, igcwaliswe ngoMoya. UMoya! Amafutha afanekisa uMoya. O, udumo! [UMfowethu Branham ushaya ihlombe kanye—Umhl.] Kulungile. Niyakuthola na? [Ibandla lithi, "Amen."] Kulungile. Manje, amafutha afanekisa uMoya.

306 Newayini lifanekisela ukuvuselela amandla kwesambulo. O, kuthi a—angigijime yonke indawo. Angazi noma angibavusanga yini omakhelwane, ngenkathi iNkosi ingikhombisa lokho, niyabo, "ukuvuselela amandla kwesambulo." Niyabo?

307 Amafutha newayini, eBhayibhelini, kuhlangene ndawonye, njalo. Nginesikhombamazwi semibhalo ngase ngibuka. Kunoxhaxha lwakho, okunjenge—ka*njalo*, lapho iwayini namafutha kuhambisana khona, ngaso sonke isikhathi. Niyabo?

308 Nxa iQiniso leZwi likaNkulunkulu elethenjisiwe selembulwe ngokweqiniso kwabangcwele baKhe ogcwaliswe ngamaFutha, bonke bathola ukuvuselela amandla. Iwayini lingukuvuselelwa kwamandla. Udumo! NgiLizwa khona manje. Ngivuselelwe amandla ngokujabula, ukumemeza! Niyabo? Futhi, uma Lenza, linomphumela ofanayo phezu kwabo lelo—lelowayini elikwenzayo phezu komuntu wemvelo. Ngoba, nxa isambulo sesinikeziwe, seQiniso likaNkulunkulu, nekholwa leqiniso ligcwaliswe ngamaFutha, nesambulo sembulwe, ukuvuselelwa kwamandla kuba kukhulu ngangokuthi Ulenza liziphathe ngokungejwayelekile. Kunjalo. Udumo! [Ibandla liyajabula—Umhl.] Niyabo, yileyo indaba ngawo manje. Kunjalo, libenza baziphathe ngokungabonakaliyo.

309 Manje, uma nifuna umBhalo walokhu, qalani nje nifunde iZenzo 2. Akuphi na? Ayenesithembiso esasikade sinikwe wona. Ngenkathi konke okwesithembiso sikaMoya oNgcwele kwathululwa kubo. Futhi kwaba . . . Kwaqinisekiswa ngokomBhalo. Manje, niyabo, i . . .

310 Ukuba-ke babethe . . . "Manje, awume, Wasitshela ukuba siyilindele phezulu lapha inkonzo yethu." Futhi emva kwezinsuku eziyisishiyagalombili, babeyothi, "Awu, ngiyanitshela, bafana," uMarku wathi kuMathewu, "Ngi—ngikholwa ukuthi sesivele sinaWo, bafo. Anicabangi kanjalo na? Niyabo, sesivele sinaWo. Ngenkathi sisalindele inkonzo yethu manje, besifanele ngabe siyaqhubeka nje siphume, sishumayela. Wasitshela ukuba sikhuphukele lapha futhi silinde, nalolu sekuyizinsuku eziyisishiyagalombili silapha."

"Awu, asilinde olunye."

311 Izinsuku eziyisishiyagalolunye ziyafika. Sekufika uMarku-ke, noma—noma—noma mhlawumbe omunye wabaseleyo babo, uJohane, wathi, "Ngi—ngi—ngikholwa ukuthi besingafanele sibe sisalinda. Ngikholwa ukuthi sesivele sinaWo. Aninawo na?"

312 Manje-ke sengiyambona uSimoni, ngoba wayenezihluthulelo, niyazi. "Manje ake nime kancane, bafana! UmBhalo ikhona into ozoyisho ngalokhu. Akazange asitshele nje ukuthi silinde izinsuku ezingaki. Wathi, 'Nihlale lapho kuze! Nihlale lapho kuze kufezeke isiprofetho sikaJoweli, kuze kuqinisekiswe isiprofetho sikaIsaya.'"

313 "Ngokuba ngezilimi ezingingizayo nangezinye izilimi Ngiyakukhuluma kulababantu. Nalokhu ngukuhlunyeleliswa." Leli yiwayini elithululiweyo. Yini iwayini, eBhayibhelini na? Ukuhlunyeleliswa. "Lokhu ngukuhlunyeleliswa okuvela eBukhoneni beNkosi." Niyabo? Ku—kuzofanele kube ngumBhalo manje. Niyabo?

314 Ngakho, niyabo, iwayini limele ukuvuselela amandla kwesambulo. Futhi ngenkathi uMoya oNgcwele wehla, futhi bawubona uMlilo kaNkulunkulu wehlela phezu kwabo, he, lokho kwaqala ukubavuselela amandla. Nento yokuqala niyazi, bavuseleleka amandla kakhulu ngangokuthi abantu empeleni baze bacabanga ukuthi babedakiwe, kodwa babevuselelwe amandla yisambulo. NgesikaNkulunkulu . . . Nakhu! Isambulo sikaNkulunkulu esiqinisekisiwe, senziwe saba sobala kubo, babejabule ngaSo. UNkulunkulu wasethembisa. Lapha sembulwa kubo, futhi saqinisekiswa kubo. Amen! Lapha indoda yayimi lapho, ukuthi, "Lokhu yiLokho! Yikho Lokhu!" Futhi nakhu kwakuLapho, kuba ngokuqinisekiswe yisibonakaliso esifanayo esinaso namhlanje. Nakho u—nakho ukuvuselelwa amandla ngesambulo. Niyabo? Futhi, manje, babenaSo ngempela ngaleyonkathi.

315 Yingalesosizathu uPetru akwazi ukuphumela lapho, futhi athi, "Ngani, nina madoda aseJudiya, nani enakhileyo eJerusalema, ngilaleleni. Nonke nina boDokotela bezobuNkulunkulu, lalelani engizonitshela khona, niyabo."

316 O, kumangalisa kanjani! Kwembuliwe! Kwembuliwe! Babangabavuselelwe amandla kakhulu ngenkathi besibone siqinisekiswa. Lokho njalo kwenza lokho. Kwenza njalo.

317 Ngenkathi ngibona uNkulunkulu owethembisa ukwenza into ethize ngalolusuku, ngenkathi Ethembisa ukwephula leziZimpawu ngalolusuku lokugcina! Futhi aniyazi injabulo, inkazimulo, ngenkathi ngiMbona embula lokhu, ngime lapho futhi ngikubone kwenzeka! Futhi ngazi ukuthi ngiyothatha noma yimuphi umuntu, ukuba ayale: Akazange asho neyodwa into kithi ayangenzeka ngaleyondlela. Bese kuthi-ke ukubona injabulo esenhliziyweni yami, nxa ngibona isithembiso saKhe salolu izinsuku zokugcina, njengoba Ethembisa ukuyenza. Futhi lapha ngikubona kuqinisekiswa futhi kwenziwa kuba yikho ngokupheleleyo. Ngivele nje. . . Niyangizwa, "Ngizizwa ngigcwala ukholo." Yileyo indaba. Ukuvuselelwa amandla kukabi kakhulu, ngi—ngi—ngivele nje—nje cishe ngilungele ukuyonqamula, niyazi. Ukuvuselelwa amandla, esambulweni! Kulungile.

318 Babangabavuselelwa amandla kakhulu, phezu kwe—kwesambulo, abasiqinisekisayo, kulungile, isithembiso. Manje, o, he! Lapho baqhuma yinjabulo yokuvuselelwa amandla, abantu baze bathi, "Badakwe yiwayini Elisha," ngenkathi uNkulunkulu embula isithembiso saKhe kubo. Futhi akusikho kuphela ukuthi Wakwembula, kodwa Wakufakazela.

319 Yilokho ebengihlale ngikusho. Umuntu angasho noma yini, ya, ubengalungela ukusho noma yini; kodwa nxa uNkulunkulu efika futhi akuqinisekise lokho!

320 Manje, iBhayibheli lathi, "Uma ekhona phakathi kwenu, ozisho ukuthi ungowomoya noma umprofethi, uma esho lezizinto futhi ingafezeki, khona-ke ningamnaki. Ningamesabi, nhlobo. Ningamesabi lowomuntu. Kodwa uma eyisho futhi ifezeke; lowo yiMi, niyabo. Mina, ngikulokho. Lokho kuyafakazisa ukuthi kungani kube yiMi."

321 Futhi, manje-ke, lowo wesifazane waseSamariya omncane. Ngenkathi umBhalo usho ukuthi loMesiya wayezokwenza lezizinto, futhi nangu Wayemi futhi wakwenza ngakho impela nje umBhalo owakushoyo. Wathi, "Nango. Wozani, nibone uMuntu! Akusiyo yini leyo yona impela into umBhalo owawuthe iyokwenzeka na?" Niyabo, wathola ukuvuselelwa amandla yisambulo. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Uba ngovuselelwe amandla yisambulo, ngenkathi siqinisekiswa. Niyabo? Kunjalo. Wayazi ukuthi kwakukhona . . .

322 "Siyazi ukuthi uMesiya uyeza, Othiwa nguKristu. Futhi nxa Efika, Uyozenza lezizinto." Ukubonile.

Wayesethi, "NginguYe."

323 Khona-ke ukuvuselelwa amandla kwaqala. Futhi wasuka wahamba, ememeza, futhi wehla wadabula emzini. Washiya

imbiza yakhe endala yamanzi, wayesehlela lapho, wayesethi emadodeni, "Wozani, nibone!"

324 Manje, ukuba kuphela beniwazi amasiko aseMpumalanga, lokho kuyiphutha kuye ukuba enze lokho. Yebo, mnumzane. Owesifazane walolohlobo, akukho-muntu owayeyomlalela. Qhabo, mnumzane. Niyabo, wayenomaka, futhi ngenkathi e . . . Ukuba wayehle ngomgwaqo kanjalo, futhi aziphathe kanjalo, amadoda omgwaqo awamnaki.

325 Kodwa, mfowethu, wayeneZwi lokuPhila lapho! Wayevuselelwe amandla. Ubu . . . Kwakufana nokuzama ukukhiphela indlu ngaphandle, eshayo, ngosuku olunomoya. O, kukhona into eyiphephethayo! Wa—wayeselungele. Yebo. Abakwazanga ukukhiphela Lokho ngaphandle. Lowo kwakungumLilo kaNkulunkulu uvutha. Yebo, mnumzane. Wathi, "Uma ningakholwa ukuthi kunjalo, wozani ngapha nje lapho umhlangano uqhubeka khona. Ngizonikhombisa khona." Ya. Yilokho-ke. Ya. Yebo, mnumzane.

326 Futhi ngakho amadoda aphumela lapho. Futhi Akabange esakwenza futhi. Kodwa bazi ukuthi ikhona into eyayenzekile kulowo wesifazane. Waguqulwa, ngakho baMkholwa. Yebo, mnumzane. Bakholwa nguYe.

327 Isizathu, "Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa isithembiso sikaNkulunkulu, iZwi likaNkulunkulu, futhi Libhekisiseni lenziwa liba yilo ngempela." Isizathu, Liyimbewu. Futhi uma Ihlwanyelwa, Iyothatha ukuPhila. Iyoveza lokho nje Ekhuluma ngakho. Uma ingakuvezi, khona-ke ayisiyo iMbewu kaNkulunkulu. Noma, umhlwanyeli wayengazi Ihlwanyelwa kanjani; Akathunywanga nguNkulunkulu, ukuhlwanyela iziMbewu. Angahle ukuba uZihlwanyela esicongweni sedwala noma into ethize. Niyabo? Ngakho ni—ngakho niyabo, umhlwanyeli ehlwanyela iMbewu, uNkulunkulu uyaYinakekela, Iwela endaweni efaneleyo, niyabo. O, he!

328 Bese-ke Ithini kulomgibeli wehhashi elimnyama na? "Ungaloni iwayini laMi namaFutha aMi! UngaKuthinti, iwayini laMi namaFutha! Nginokuncinyana nje kwaKho phansi lapho, kodwa kusekhona okuncinyana lapho. Ya. Manje ungaqhubeka wedlule futhi ulinganise lonke lolohlobo lokuphila olukhiphela ngaphandle; lokho kukuwe. Uzokhokha ngakho phansi lapho. Kodwa uma unqwamana nalelowayini namaFutha, uKuyeke kanjalo!" O, he! Uma ungakwenza, uma u . . .

329 Ngamany'amazwi, kanje, "Uma ubamba omunye woMhlambi omncane waMi, ogcwaliswe ngamaFutha aMi newayini, niyabo, iwayini namaFutha eZwi elimsulwa, niyabo, futhi uzobabulala. Isizathu, wena, uyakwenza. Yilokho okwenzayo. Ungababaphoqi ukuba basho noma yimuphi u 'Yethi Mariya,' kumbe wenze noma yini enjalo, noma ezinye zezivumokholo zakho. Izandla zakho zingabathinti. Bayazi

lapho beya khona, ngokuba bagcotshwe ngamaFutha aMi. Nangokugcotshwa ngamaFutha aMi, banewayini lenjabulo, ngoba bayalazi iZwi laMi lesithembiso, 'Ngizobavusa futhi.' Ungakoni Lokho! Ungahambi uzama ukuba ubone. Isizathu, nje deda kuWo. Qhabo." Konke . . .

330 Uqinisekisa iZwi laKhe futhi uyaLingenisa. Babazi. Babazi ukuthi babeyovuka futhi. O, ngikuthanda kanjani lokho! Whewu! Bayovuka futhi. Nakhu kufika ihhashi elimnyama, egibele manje, iminyaka yezikhathi zobumnyama.

331 Nakho kwahamba ihhashi elimhlophe; sibonile ukuthi wenzeni, ngokupheleleyo. Nakhu kufika ihhashi elibomvu; siyakubona impela akwenzile. Nakhu kufika ihhashi elimnyama. Niyabo, ungumgibeli ofanayo ngaso sonke isikhathi, akwenzayo, kwehle njalo ngeminyaka.

332 Manje siyathola, wakukala futhi wakhokhisa ngakho, impela: ukolweni, okwemvelo, ukuphila kwemvelo. Yilokho ababephila ngakho.

333 Kodwa, kufanekisela; uMoya, amaFutha; nenjabulo yewayini. "Lokho kuPhila kukamoya, ungawoni Lawo. Ayeke kanjalo!" Ngamany'amazwi, "Roma, ungaWathinti! AwaMi! Lawo angawaMi!"

334 Manje nginenye into lapha engifuna niyazi. Qaphelani, kwakungesiso esinye seziDalwa esathi, "Ungawathinti amaFutha newayini." Nikuqaphelile lokho na? IziDalwa ezine zazikade zikhuluma, kodwa . . . Bhekisisani, ake ngikufunde kuzwakale lapha, kancanyana nje, niyabo, manje.

> *. . . imbenge, u*denariyu, *u—u . . . kolweni ngodenariyu, nezimbenge ezintathu zebhali ngodenariyu; kepha* iwayini *na . . . mafutha*.

335 Manje lalelani laPha.

> *Ngase ngi—ngase ngizwa izwi phakathi kwezidalwa ezine . . .*

336 Kwakuyini na? IWundlu! Amen! Kwakungesizo iziDalwa ezine. Kwashiwo yiWundlu. Ngani na? Lizothatha abaLo uQobo. AbangabaLo. Likuhlengile. Niyabo? Amen! "Ungawathinti lawomaFutha!" Qhabo, mnumzane. Hhayi iziDalwa ezine, kodwa iwundlu kwakuyilo elakusho. Futhi, o, he! IWundlu! Hhayi . . . IziDalwa ezine azikumemezelanga lokhu. IWundlu lasho, qobo Lwalo.

337 Ngenkathi iziDalwa ezine zithi, "Woza ubone," futhi zahamba, futhi zakubona kanjalo.

338 Lase lithi, "Imbenge kakolweni ngodenariyu, nange mea- . . . nokungaka *kanje*, nebhali elingaka." Kodwa-ke iWundlu lamemeza, phakathi kwazo ngqo, lathi, "Kepha iwayini namaFutha ungakoni!" Ehhe. Kunjalo. O, he! Kulaleleni,

"UngaWoni, mfana, kungenjalo uzokhokha ngakho ngolunye usuku." O, he!

Ligamenxe elesishiyagalolunye.

339 Awu, ngokuqonda kwami okwedlula konke, nokwedlula konke engazi ngakho, nangakho konke engikukholwayo enhliziyweni yami, leyo yincazelo eyiqiniso yalezoziMpawu ezintathu. Ngifuna ukubonga uNkulunkulu ngakho. Futhi ngizosho lokhu, ukuthi, kuyisambulo Anginika sona. Wanginika leso, isambulo saKho. Futhi ngiyakholwa ukuthi siphila ezinsukwini zokugcina.

340 Kusasa ebusuku sizothatha lowomgibeli wehhashi elimpofu. Futhi manje angazi. Angazi. UNkulunkulu uyazi ukuthi lokho kuyiqiniso. Angazi neyodwa into ngakho. Qhabo.

341 Ngibuke ingqikithi yendaba yami enganginayo iminyaka eyedlula. Ngibone uMfowethu Graham Snelling esikhashaneni esedlule; angahle ukuba uphumile. Kodwa, ngiyakhumbula ngenkathi ngisashumayela lapha, ngaphambili. Ngabheka ukuba ngibone ukuthi ngathini eminyakeni eyadlula. Ngolunye usuku ngangidlula eNcwadini yeSambulo, ngathatha bonke ababagibeli bamahhashi amane ngesikhathi esisodwa.

342 Ngathi, "Ihhashi elimhlophe, lelo kwakuyibandla lasekuqaleni, akungabazeki." Ngakufunda lokho encwadini yama-Adventisti. Futhi ngafunda into ethize lapho. Ngathi, "Lelo kwakuyibandla lasekuqaleni elaphumayo, linqoba." Nelilandelayo kwakuyihhashi elimnyama, ngathi . . . Ngiyakhohlwa manje ukuthi ngalibiza ngokuthi yini lelohhashi elimnyama. Ngathi . . .

343 Noma, "Ihhashi elibomvu," njalo, ngathi, "lelohhashi mhlawumbe lalichaza ukuthi—ukuthi inkathazo isendleleni, futhi kuzosho izimpi eziningingingi ezizolenga, noma into efana naleyo." Ngathi, "Mhlawumbe kuzoba nempi eningingingi." Ngathi, "Yilokho okuyoba yikho." Ngase ngithi-ke, "E—elimpofu ihor- . . . "

344 Noma, "I—ihhashi elimnyama," ngathi, "lokho—lokho kuchaza ukuthi—ukuthi mhlasimbe kuyofika isikhathi esimnyama emhlabeni, lapho zonke izinkanyezi ziyo—ziyoyeka ukukhanya; ilanga liyoshona phansi, nenyanga ayiyikukunikeza ukukhanya kwayo." Ngathi, "Lokho mhlawumbe yilokho okukuchazayo."

345 Ngathi, "Ihhashi elimpofu, kuchaza ukuthi okuningingingi ukugula kuyeza manje." Manje, angazi ukuthi kuchaza ukuthini. Kodwa, lokho ngukuthi, lokho kwakungukuhumusha kwami kwalo ngaleyonkathi, ngoba ngavele nje ngakuthatha kungokungcono okwedlula konke engangingakuthatha, ngimi lapha epulpiti.

346 Kodwa, o, ngacishe impela ngasho into ethize! Kulungile. Mm! O! Nizo—nizobona. Bhekisisani nje, niyabo.

347 Manje, o, asijabulile yini ngalelihora esiphila kulo! [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Nxa sibona yonke lento ivuthwa, ngiyacabanga:

Izizwe ziyehlukana, uIsrayeli uyaphaphama,
Izibonakaliso abaprofethi abazibikezelayo;
Izinsuku zabeZizwe zibaliwe, ngokwesaba okukhulu okuthiyayo;
"Buyani, O bahlakazekileyo, niye kwabakini."

Usuku lokuhlengwa seluseduze,
Izinhliziyo zabantu zehlulwa ukwesaba;
Gcwaliswani ngoMoya, izibani zenu zilungisiwe zahlanzwa,
Bhekani phezulu, ukuhlengwa kwenu sekuseduze! (O, he!)

Abaprofethi bamanga baqamba amanga, iQiniso likaNkulunkulu bayaliphika,
Ukuthi uJesu Kristu unguNkulunkulu wethu;

NiyaKukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

Kodwa sizohamba lapho abaphostoli benyathele khona.

Ngokuba usuku lokuhlengwa selusondele,
Izinhliziyo zabantu zehlulwa ukwesaba;
Gcwaliswani ngoMoya, nibe nezibani zenu zilungisiwe zahlanzwa,
Bhekani phezulu, ukuhlengwa kwenu sekuseduze!

348 Lokho akumangalisi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngiyakuthanda lokho. Ukuhlengwa sekuseduze.

Futhi kuyakuba khona ukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa,
Indlela eya eNkazimulweni impela niyoyifumana;
Endleleni yamanzi, ngukuKhanya namuhla;
Ningcwatshwe eGameni likaJesu eliligugu.
Bancane nabadala, phendukani esonweni senu sonke,
UMoya oNgcwele ngempela uyongena;
Ukukhanya kwakusihlwa kufikile,
Kuyisiminya ukuthi uNkulunkulu noKristu baMunye.

UyiZwi! O, he! Kuyamangalisa!

Masinya iWundlu lizothatha uMlobokazi waLo ukuba abe seduze kwaLo njalonjalo,
Lonke ibandla laseZulwini liyobuthana;
O, kuyoba yinto ebonakala iyinkazimulo, bonke abangcwele begqoke ezimhlophe ezingenabala;
Futhi benoJesu bayodla idili Phakade.

O, "Wozani nidle," iNkosi iyabiza, "Wozani nidle;"
O, ningadla idili etafuleni likaJesu ngaso sonke isikhathi;
Yena owapha isixuku, wajika amanzi aba yiwayini,
Kolambile uyabiza manje, "Wozani nidle."

O, "Wozani nidle," iNkosi iyabiza, "Wozani nidle;" (Dlanini eZwini!)
Ningadla idili etafuleni likaJesu ngaso sonke isikhathi;
Yena owapha isixuku, wajika amanzi aba yiwayini,
Kolambile uyabiza manje, "Wozani nidle."

349 O, he! Nilambile na? [Ibandla liyajabula—Umhl.] "Babusisiwe abalamba bomele ukulunga."

350 NiyaMthanda na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] NiyaMthanda na? Indlela kwelithi *Ng'yaMthanda*, niyazi. Asime nje sonke manje, futhi siphakamise izandla zethu futhi sizizwakalise kuYe. "Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda ngoba Wangithanda kuqala." Kulungile, sonke kanyekanye manje.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

351 [Umfowethu ukhuluma ngolunye ulimi. UMfowethu Branham uthi ukuthula kancane—Umhl.] Nje nihloniphe ngempela. Sinomhumushi lapha, uMfowethu Higginbotham. Angazi noma ngabe ukhona yini kulobubusuku, noma qha. Sifuna ukuthola ukuthi Utheni kithi. Lindani umzuzu nje. Lapha, lapha . . . [Udade unikeza incazo.]

352 Impela, ayidunisiwe iNkosi! Ukukholwa kwami kuphakanyiselwa phezulu kuNkulunkulu. Nina, niyaMthanda, kulobubusuku, ngayo yonke inhliziyo yenu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] O, Mdumiseni, futhi nithi, "SiyaKubonga, Nkosi Jesu!" [Ibandla lidumisa uNkulunkulu.]

353 SiKunika kakhulu udumo, ngazo zonke izinhliziyo zethu, Nkosi! Udumo kuNkulunkulu!

354 Nje Mnikeni udumo, nonke ninabantu. UNkulunkulu abe nani! [Ibandla liyaqhubeka lijabula futhi lidumisa uNkulunkulu—Umhl.]

*ISambulo Se ZiMpawu eziyisiKhombisa*

(The Revelation Of The Seven Seals)

LemiLayezo eyishumi ngoMfowethu William Marrion Branham okokuqala yethulwa ngesiNgisi ngoMashi 17 kwaze kwayoba nguMashi 24, 1963, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., noPhawu lwesiKhombisa lwaqhubeka ngoMashi 25 eSherwood Motel. Ngokuthola acace kakhulu naphelele kakhulu amateyipu asekuqaleni, lemiLayezo iphinde yenziwa ngokwesimo samanje. Kwenziwe yonke imizamo ukwedlulisa ngokucophelela uMlayezo womlomo usuka eziqophweni zeteyipu kazibuthe uya ekhasini elishicelelwe. Lokhu kuhunyushwa kwesiZulu okungafinqiwe kushicilelwe ngabe Voice of God Recordings.

Onke amalungelo kulencwadi agodliwe. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ishicilelwe, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume eshiwoyo ebhaliwe ye William Branham Evangelistic Association.

ZULU

©2017 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org